

SIKHOMBISE UYIHLA

 Asibe silokhu simile futhi nje sikhothamise amakhanda ethu umzuzwana senzele izwi lomkhuleko. Izinto zokuqala kuqala, kusobala, ngukuLangana noNkulunkulu. Angazi noma kulobubusuku ukuthi zikhona yini izicelo ezikhethekile phakathi kwethu, eningathanda ukuba uNkulunkulu aziphendule kulobubusuku, uma nje nizokwazisa ngesandla senu siphakanyiselwe kuYe. Khumbulani nje enhliziyweni yenu enikufunayo, bese nicela uBaba manje njengoba sikhuleka.

² Baba wethu waseZulwini, sibuthene eGameni leNdodana yaKho ethandekayo, iNkosi uJesu. Siyabuqonda ubungcwele balelihora. Emva kokuba seledlule liyoba ngumlando, futhi siyoziLanda, ngoSuku lokwaHlulelwA, ngokuba lapha kulobubusuku, nangalokho esikwenzayo. Ngakho-ke, Baba, siza kuWe namakhanda akhoheme nezinhliziyo ezikhoheme, futhi sicela isihawu, nokuthi u—uMoya oNgcwele omkhulu uzoza ube phezu kwethu futhi usiholele kulokho esifanele sikusho nesifanele sikwenze.

³ Siyakhuleka, Baba, wonke ophakamise isandla. Uyakwazi obekuphansi kwalesosandla, isicelo. Futhi siletha izicelo zethu manje phambi kwesiHlalo saKho sobukhosI esikhulu samazinyo endlovu, lapho okubekwe khona uMhlatshelo, iNkosi uJesu, nalesisiqiniseko Asitshela sona, “Uma besiyocela kuBaba noma yini eGameni laKhe, kuyokwenziwa.” Baba, sikhulekela ukuthi yilowo nalowo ababambe isandla sabo bazosemukela isicelo sabo ngalobubusuku.

⁴ Busisa labo abagulayo nabahluphekile, Nkosi. Kwangathi uMoya oNgcwele ungeza kulobubusuku, Uzibonakalise, ngakho impela, ukuthi abantu abazukwehluleka ukukubona.

⁵ Sikhulekela labo abangasindisiwe, ongakwazi ukuthethelelwA kwezonO, futhi basalokhu bephandle lapho bezulazula ebunyameni, bengenathemba, bengenaNkulunkulu, belahlekile. Kwangathi ukukhanya kweVangeli, iVangeli elikhazimulayo leNdodana kaNkulunkulu, kungakhanya phezu kwabo kulobubusuku, futhi kwangathi izinhliziyo zabo zingalamba kakhulu ukuthi bazoMemukela njengoMsindisi wabo. Siphe khona, Baba. Sicela lezizibusiso eGameni leNkosi uJesu, iNdodana yaKho noMsindisi wethu. Amen.

Ningahlala phansi.

⁶ Ngihlala njalo ngikuthatha ngokuthi kuyinhlanhla ukuba se...emsamo, ukukhuluma kubantu. Ngijabule kakhulu namhlanje ukuzwa imiphumela yomhlangano izolo kusihlwa, futhi njengoba bengilalele amateyipu ayizolo kusihlwa, ukuthi

ubekanjani uMoya oNgcwele phakathi kwethu, Asenzele khona izolo kusihlw. Inkathazo kuperha engiyithola ngomhlangano, ngukuthi asinawo omude ngokwenele ukuba sihlale. Kusasa ebusuku nje ngukuvalwa kochungechunge. Futhi kukhona kuperha cishe abafowethu ababili abangabefundisi engike ngaze ngaba ngisho nenhlanhla yokwethulwa kubo, nokho, abaxhasi bomhlangano.

⁷ Nabaningi benu bantu abakahle engingakaze ngibabone empilweni yami, futhi ngempela ngingathanda ukuba nethuba ukuya nani ekhaya ngeSonto, okwedina. Ngiyazi ninompheki obedlula bonke ezweni. Futhi ngakho, thina, ngingathanda ngempela ukwenza lokho.

⁸ Kodwa sesiyasuka masinya nje manje, siya e... siyongena emsebenzini weNkosi. Mhlampe, owethu olandelayo, emva kokusuka eArkansas, sizoba senhla eAlaska. Manje-ke ngiyewza ukuthi iNkosi ingahle isibizele pheseya kwezilwandle masinya nje, futhi, sibuyele eAfrika.

⁹ Ngakho kube yinhlanhla enkulu, nokokuqala ukuba lapha phakathi kwenu, nokubona lokho kukholwa okukhulu okusabelayo eninakho, futhi, nokho, inkonzo iyintsha kini. Ngiyazi ukuthi u—umhlangano othe ukuba mudanyana unganenzela izinto ezinkulu. Kuqala, niyazi, nihamba ubusuku obumbalwa, bese nithi ukuzidwebela umbono wenu ngomvangel. Beso kuthi-ke, emva kwesikhashana, bese-ke yonke i...ebesingakubiza ngezipoki, kusuke, sisusa konke ukwesatshiswa, futhi sibone ukuthi yiVangeli, neZwi likaNkulunkulu, noJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu. Futhi ikakhulu, uma sinomhlangano onjengalona lapho bonke abantu bazo zonke izinkolo bemenywa khona, ninamaqembu axubile. Kodwa, nokho, sikhonza oyedwa weqiniso noNkulunkulu ophilayo, futhi ngakho ngijabula kakhulu ngalokho.

¹⁰ Manje, ngokuvamile ngizama ukunethembisa ukunidedela kuse eli, futhi ngehluleka njalo ebusuku. Kodwa lezi yizikhathi ezimfishane ezincane. Ngezinye izikhathi, ekhaya, ngisemsamo amahora ayisithupha, ayisishiyagalombili, noma ayishumi. Ngakho ngiyazi beningeke nakumela lokho. Ninenzwaba yomusa ukuba nihlale lelihora, ihora nohhafu. Kwangathi iNkosi inganibusisa manje. Futhi—futhi ningikhulekele, kulobubusuku, njengoba ngizama ukukhuluma endikimbeni encane lapha, neminye imiBhalo engiyibhale phansi entweni eyiphepha lokulobel. Engingathanda ukubhekisela kuyo, okwemizuzwana embalwa, futhi-ke sizobona ukuthi iNkosi izosenzisani.

¹¹ Niyazi, ngokweqiniso, asazi ukuthi nje Izokwenzani, ngoba amadodana kaNkulunkulu aholwa nguMoya kaNkulunkulu. Sizofanele nje sibhekisise futhi sikhumbule noma ngabe yini Athi asiyenze, khona-ke siyayenza.

Ngakho ningakhohlwa kusasa ebusuku, ubusuku bayizolo bomhlangano.

¹² Bese kuthi-ke ukudla kwasekuseni kweFull Gospel Business Men kungoMggibelo ekuseni, kunjalo, ngiyakholwa, kuyo lendlu. Kunjalo na? Lapha kuyo lendlu. Futhi ngikhholwa ukuthi ningawathola amathikithi edeskini. Noma...Edeskini. Futhi sizojabula ngempela ukuba nani. INKosi ithanda, ngifuna ukukhuluma nga—ngalokho kusa, masinya emva kokudla kwasekuseni. Uma ningangena futhi nibe nokudla kwasekuseni nathi, sizojabula ngani ukuba nikwenze. Uma ningenakukwenza, awu, khona-ke nithi gqi ningenele uMlayezo ngqo emva kokudla kwasekuseni, futhi sizojabula ngani ukuba nibe lapha. Futhi ngifuna ukuthi ukuthatha uhlobo lokuvangela loMlayezo walokho.

¹³ Lokhu, ngizame ukukumpintshela emkhulekweni wabagulayo, nokuphilisa. Futhi sithi ukuba ngendlela encane...Hhayi nganoma yimaphi amaphuzu emfundiso, kodwa nje ukukhombisa ukuthi uJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade, ukuthi Akaguqukile.

¹⁴ Futhi kimi, Lokho, iBhayibheli kuphakathi kokuthi liyiZwi likaNkulunkulu, noma alisilo iZwi likaNkulunkulu. Ngi—ngi—ngikhholwa ukuthi noma yini kuphakathi kokuthi iqinisisle noma iyiphutha. Ungeke waba nguhafu maphakathi. Awekho amaKristu alunge kancane. Nikuzwile lokho kuphawula, kodwa ayikho into enjalo. Kuphakathi kokuthi ungumKristu noma awusuye umKristu.

¹⁵ Futhi indlela kuphela ongaba ngayo ngumKristu, ingokuzalwa ngokusha ngoMoya kaNkulunkulu. Lelo yilona khambi kuphela: phansi kweGazi leNKosi uJesu. Futhi uma uvuma izono zakho kuNkulunkulu, futhi unokuxolelwa kuNkulunkulu, khona-ke awusiso isoni. Ozelwe nguNkulunkulu akasenzi isono. Uma esenza, akungamabomu. “Umkhonzi eke wahlanjululwa akasenawo unembeza wesono.” Isibonelo nje, eTestamenteni eLidala igazi lezinkunzi nezimbuzi lalisibekela isono nje; lalingasisusi. Kodwa iGazi likaJesu liyasisusa. Liyasichitha. Akusekho lutho kuso.

¹⁶ Isibonelo nje, umama wami, usanda kumuka nje waya eZulwini, izinyanga ezimbalwa ezedlule. Ngangimi ngakuye ngenkathi emuka, futhi waze wafika lapho engasakwazi khona ukukhuluma. Ngathi, “Mama, uma usangizwa, uma uJesu esalokhu esemnandi nje kuwe usaфа, njengoba Ubenjalo ngenkathi usaphila, futhi usemihlanganweni; uma ungasakhulumi, cwayizisa amehlo akho nje ngokushesha ngempela, ngizokwazi ukuthi uthi ‘Yebo.’” Futhi wayecwayizisa amehlo akhe, izinyembezi zigingqika nje zehla ebusweni bakhe. Futhi waya kobonana neNKosi. Futhi ngabhaphathiza

umama wami uqobo cishe eminyakeni engamashumi amathathu eyadlula. Ngangisengumshumayeli ongumfanyana nje.

¹⁷ Manje, manje, uma wayezama ukususa ibala eyembeni lami ngenkathi ngisengumfanyana, eminyakeni eminingi eyedlule, wayevame ukuzama ukuthi athole amafutha amalahle noma—noma into ethize bese esusa ibala. Futhi ngempela, wayengalisusi neze ibala; wayevele nje alenze libe likhudlwana. Lalingabonakali kakhulu kangako endaweni eyodwa. Kodwa kukanjalo, yilokho kuphela ababedinga basebenze ngakho.

¹⁸ Manje asiqhathanise lokho negazi lezimbuzi nezimvu, ngesono. Nje kwakuyi... Kwakuyinhlawulo, impela, kodwa aliwenzanga ngokwenene umsebenzi, ngoba kwakuyigazi lesilwane. Futhi ngenkathi lelongqamuzana legazi lephulwa, longenacala, niyabo, ukuphila kwewundlu kwakungenakubuyela phezu komuntu, ngoba lalingenamphefumulo. Liyisilwane nje.

¹⁹ Kodwa ngenkathi uJesu efika nalelongqamuzana leGazi lephulwa, ukuPhila kukaNkulunkulu qobo lwaKhe kufika phezu kwethu. Futhi singamadodana namadodakazi kaNkulunkulu, nemvelo yaKhe. Qaphelani.

²⁰ Manje, kulezizinsuku, uma ngithola ibala eyembeni lami, umkami othandekayo, uyahamba nje bese ethatha okunye kwalokhu lapha, ngicabanga ukuthi ukubiza ngesususamabala iClorox. Asifake lapho futhi sekusuke konke.

²¹ Ake sicabange nje nge—ngeconsi elincane lika inki, iconsi elilodwa elincane lika inki omnyama. Manje, lowo inki wakhiqizelwa esinye isizathu.

²² Futhi ngumbala. Futhi ngempela munye kuphela umbala; yonke eminye isukela kuwo; nalowombala mhlophe. Kodwa manje, lombala, angizazi izithako amakhemikhali alokhu, kodwa ake sisho lokhu, ukuthi kwafanele kuqale kokudaliweyo, ngoba yilokho okuyikho. Kwadingeka kwensiwe nguMdali. UMdali uzofanele adale okudaliweyo.

²³ Naleliconsi elincane lika inki, manje, liyehla, asithi, isibonelo nje, kungokwenhlos. Manje leloconsi elincane lika inki lingabhalu uJohane 3:16 futhi lixolele izono zami. Noma, leloconsi elincane lika inki lingasayina incwadi yami yemvume yokufa, ukungithumela e—ekulengisweni. Kungokwenhlos.

²⁴ Kodwa mhlampe uma leloconsi elincane lika inki, manje, nakho konke ukwenza kwawo umbala kuwo, liconsela emgqonyeni wesisusamabala iblishi, kwenzekeni embaleni na? Manje cabangani nje, kwenzekeni kuwo na? Awusophinde uwuthole futhi. Amanzi abeku inki, i—indlela yokwenzeka kwe H₂O, asalokhu ekwisisusamabala iblishi. Amanzi ayo aphendukela kokwawo okuyini na? Kodwa ake sithi uma umbala uqale ukuphuma ekuqaleni, ubuyela emuva, mhlawumbe, ungene kokunjengenkungu, noma igesi.

²⁵ Naleyogesi, manje, lena akusiyo indlela yokwenzeka, kuyenzeka ukuba kube nomunye umuntu lapha okuqondayo lokhu. Ngikusholo nje ukuze nizokwazi ukuthi ngikhuluma ngani.

²⁶ Asithi kwakukhona, kwabuyela ezithakweni ezincu ama atomu, noma imisuka emincu amamolekhuli, nemisuka emincu amamolekhuli yabuyela ezithakweni ezincu ama atomu. Futhi sithi umsuka omncu imolekhuli okune-isithupha-isishiyagalolunye ukuhlanganisa nesithupha-isishiyagalolunye-isikhombisa kwenze okumnyama. Uma kade kuyisithupha-isishiyagalolunye-isithupha, bekuzophuma sekupinki, kanjalonjalo, futhi kubuye le ezithakweni ezincu ama atomu. Into ethize yadingeka ikunqumele ekuqaleni, ukuthi kwakuzoba yini.

²⁷ Kodwa uma like laconsela kulesisisusamabala iblishi lapha, lihamba libuyela le emuva ngayo yonke imisuka emincu amamolekhuli, zonke izithako ezincu ama atomu, kubuye le kuMdali wakho.

²⁸ Awu, lokho kufana nezono zethu ezimnyama. Uma zike zavunywa eGazini likaJesu Kristu, sesikhohlwakele. Asisekho isono, nhlobo. Usukhululiwe esonweni, futhi akukhoso ngakho. Akungoba u—ukufanele, kodwa ngoba umusa kaNkulunkulu, oyivo. Ngenkathi umuntu ona, wanqamula igebe elikhulu phakathi kwakhe noNkulunkulu, futhi, wasuka, ayisekho indlela yokubuyela emuva. Kodwa, uNkulunkulu wayegcweli isihawu, Wa—Wathatha isibambiso. Newundlu laliyilesosibambiso kuze kufike ukugcwala kwesikhathi, ngenkathi Yena, uNkulunkulu, enziwa inyama, ukususa isono. Futhi manje akukho ngisho negebe lapho, maphakathi. Umuntu noNkulunkulu baba nguBaba nendodana. Akukhoso, nhlobo. Uzifaka olwandle lwesisusamabala iblishi yokukhohlwa, futhi angeke ngisho esazikhumbula.

²⁹ Manje, singeke sakwenza lokho. Singumuntu. Singathethelela, kodwa singeke sakholwa. Kodwa uNkulunkulu ungongenasi phelo, futhi Mkhulu kakhulu ngangokuthi Angakukhohlwa ngokoqobo ngisho nokuthi wakwenza. Kucabange. Awuzange ngisho wone. Futhi lapho ubeka umuntu futhi eBukhoneni bukaNkulunkulu njengoYise, futhi ungu mtwana waKhe. Singamadodana namadodakazi kaNkulunkulu manje, akusikho ukuthi siyoba yiwo, manje singamadodana namadodakazi kaNkulunkulu. O, he! Lokho kwenza amaMethodisti kuthi awamemeze. Akwenzi na?

³⁰ Manje, sijabula kakhulu ukwazi ukuthi sinalesi esikhulu, isisusamabala esikhulu iblishi uJesu Kristu asiletha kithi, iGazi laKhe uQobo. Sizokhuluma kancane ngaYe manje, eninika ithuba lokuthola ukuthi ukuthuliswa nje.

³¹ Futhi manje asiphenye emiBhalweni uma nithanda, kuJohane oNgcwele, isahluko 14 sikaJohane oNgcwele. Ngifuna ukufunda nje amavesi athi awabe mabili, ivesi le 7 nele 8, uJesu ekhuluma.

*Uma beningazi mina, beniyakumazi noBaba: kusukela
manje niyamazi, nimbonile.*

*UFiliphu wathi kuye, Nkosi, sikhombise uyiHlo,
kusanele.*

³² Ngi—ngizothatha indaba ethi: *SiKhombise UYihlo*. Ngi—ngifuna ukukhuluma ngakho.

³³ Nenhliziyo yomuntu njalo ibilangazelela ukubona uNkulunkulu. Njengoba sasikhuluma ngobunye ubusuku, ngalawomaGreki enyukela ukuzokhuleka, futhi athi, “Banumzane, sithanda ukubona uJesu.” Ayezwile ngaYe futhi ayengenakuphumula aze ukuba aseMbonile. Futhi ngicabanga ukuthi lokho ngeqiniso yindlela yokuthi noma yiliphi elangempela, ikholwa leqiniso elike lizwe ngoNkulunkulu, kukhona okuthize phakathi kwalo okushaya imithambo kulo ukuthi uma kuphela belingaMbona.

³⁴ Futhi, nokho, singaMbona. UJesu wathi lapha, “Nxasenibone Mina, nibonile uBaba.” Ngakho siyazi ukuthi ningaMbona. Manje, inqobo nje uma besingacabanga ngezidalwa ezingabantu, bebelangazelela njalo ukubona uNkulunkulu.

³⁵ Ngisho, uJobe, ngicabanga ukuthi leyo yincwadi endala kunazo zonke eBhayibhelini. Ifanele ukuba njalo. Futhi ngempela yalotshwa ngaphambi kokuba uMose alobe uGenesisi. Futhi uJobe, lowokhokho omkhulu, futhi emazi uNkulunkulu, futhi ngenkathi esefika endawaneni ukuthi wangena enkathazweni yakhe.

³⁶ Ngokuvamile, umuntu uyofuna uNkulunkulu uma esenkathazweni. Ngibezwile abantu bethi, “Angikholwa ngisho nokuthi ukhona uNkulunkulu.” Kodwa ake awe futhi azilimaze, noma udukotela athi ulungiselela ukufa, khona-ke umuzwa esethi, “O Nkulunkulu,” njengoBob Ingersoll. Wena, uyocabanga ngoNkulunkulu ngaphambi kokuba ucabange ngonyoko kumbe noma ubani omunye, ngoba nje kukhona into ethize kuwe. Uyisidalwa esingumuntu.

³⁷ Manje sithola ukuthi uJobe wangena kokubanga usizi kakhulu, ngenkathi ebhidlika amathumba nezinkathazo, wayesehlhala ezaleni wayesenwaya amathumba akhe.

³⁸ Ngiyakhumbula ngithatha incwadi kaJobe, etabernakele, eminyakeni eyadlula, futhi ngase cishe impela nginonyaka nencwadi kaJobe. Nomunye udade wayenomusa owenele, ukuthi akangibuzanga ngqo emsamo, kodwa wangibhalela incwadi. Wathi, “Mfowethu Branham, uyoze umsuse nini

uJobe kulelozala na?” Ngangimhlalise phandle lapho, kodwa ngangizama ukwakha kuye phezulu, ngakhona, ukwenza iphuzu ndawondawo, i—iphuzu elibulalayo, ukuthi kuzokhombisa abantu, lapho esasingaba khona nokubizela ealtare. Kwase kuthi—ke amakhulu asabela.

³⁹ Manje, ehelezi osizini, futhi wayelangazelela ukubona uNkulunkulu. Wathi, “Ukuba kuphela bengazi lapho Ehlala khona, ukuba bengingahamba futhi ngingqongqothe emnyango waKhe, bengiyo—bengiyoMazi. Ngingathanda ukuhlala phansi futhi ngioxo naYe.” Niyabo, inhliziyo yomuntu ibiza uNkulunkulu.

⁴⁰ Futhi qiniso, uma kunesifiso somuntu enhliziyweni yomuntu, oyisidalwa sikaNkulunkulu, obiza uNkulunkulu, kuzofanele kube noNkulunkulu ndawondawo ukusabela kulokho kubiza. Kodwa uma utwa lubizana noTwa, kuzofanele kubekhona ukusabela kulokho kubiza. Ngaphambi kokuba utwa lube phakathi *lapha*, ukubiza, kuzofanele kube noTwa phandle lapho, ukusabela kulokho kubiza, kungenjalo kungebebikhо-kubiza phakathi *lapha*.

⁴¹ Njengoba njalo bengisho, singakabikho isigwedlo emhlane wenhanzi, kwadingeka kube namanzi, kuqala, ayo ukuba isebezise lesosigwedlo, kungenjalo yayingeke ibe nasigwedlo. Singakabikho isihlahla ukuba simile emhlabathini, kwadingeka kube nomhlabathi, kuqala, kungenjalo sasingeke sibekhona isihlahla. Futhi inqobo nje uma kukhona okudaliweyo, kunoMdali ukudala lokho okudaliweyo. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na?

⁴² Futhi uma kukhona ukulamba nokoma enhliziyweni yomuntu, ngento ethize, kuzofanele kube nento ethize ukusabela kulokho, kungenjalo ukoma bekungebe lapho. Ngakho, kulobubusuku, silapha, sithi, “Sikhombise uYihlo, futhi kusanele.” Futhi manje, uma kukhona uNkulunkulu, esaziyo ukuthi ukhona, nobizo enhliziyweni yethu lokuMbона, pho kungani singeMbоне na? Uma kunobizo lapha olusitshela ukuthi sifuna ukuMbона, kuzofanele kube nesizathu esithize esi... indlela ethize yokuMbона.

⁴³ Futhi manje mina, ngosizo lukaNkulunkulu, ngizozama uku—ukunikhombisa, noma ngikhulume ngezindlela ezintathu ezechlukene, noma ngizothi, izindlela ezine ezechlukene, zokubona uNkulunkulu. Ngizokhuluma ngokuthi: uNkulunkulu esemhlabenи waKhe nezulu; uNkulunkulu eseZwini laKhe; uNkulunkulu eseNdodaneni yaKhe; uNkulunkulu ekabantu baKhe.

⁴⁴ Futhi kuqala, manje, sizokhuluma ngoNkulunkulu esemhlabenи waKhe nezulu. Angikholwa ukuthi noma ubani obengaqonda ukuthi lomhlaba nezulu kuhamba kanjani, ukuthi okukhulu okuphathelene nelanga, futhi

esile engqondweni yakhe, obengathi akekho uNkulunkulu. Benazi yini ukuthi lomhlaba uyaphenduka, ngaphezu kwamamayela ayinkulungwane ngehora na? Ngamamayela ayizinkulungwane ezingamashumi amabili-nanhlanu ukuwuzungeza. Uyaphenduka, wenza ukuzungeza kwavo okuphelele, njalo emahoren angamashumi amabili-nane, ngakho lokho kuwenza uhambe ngaphezu kwamamayela ayinkulungwane ngehora *ngapha*. Futhi lapho uphenduka uzungeza umkhondo welanga, angazi ukuthi uhamba amamayela ayizinkulungwane ezingaki ngehora, futhi uhamba ngesikhathi ngokuphelele impela, awukugeji nangomzuzwana. Akukho-washi, akukho-mshini ongabekwa ngokuphelele okunje, ukuwugcina ungakhandleki, noma akukho-washi.

⁴⁵ Nginewashi engaliphiwa eSwitzerland, abathi, ngemali yaseMelika, lalingaba ngamadola angamakhulu amathathu uma ngilithengile, elinye lamawashi abo aphambili kunawo onke. Nokho, lelowashi liyosilahla, njalo...umzuzu, ngokuvame kakhulu kaningi, noma libe phambili, noma—noma okuthize. Li—ali... Lingeke laphelela.

⁴⁶ Futhi nokho, emkhathini, lelizwe lizishwiba lona lizungeze. Ubani olishwiba lizungeze futhi libe ligece lesosikhathi esiphelele na? Ngempela belingathi ukunciphisa i jubane kancane, ukuba yayingekho into ethize eligcina lihamba. Futhi ungaligcina kanjani lihamba ngokuphelele kangaka na? Futhi lizungeza kanjani i—i—ilanga, indlela elenza ngayo, ngokuphelele kangaka na? Futhi lenze ubusika, ihlobo, kanjalo kanjalo, liphelele nje njengoba linjalo. Manje-ke akukho-noyedwa...Iminyaka eyizinkulungwane eziyisithupha, alikalahlhi nomzuzwana; njalo ligece isikhathi. Liphelele kakhulu ngangokuthi bangasho isikhathi sokufiphala kwelanga nenyanga, ngakho, kusasele iminyaka engamashumi amabili, bangakutshela lona impela ihora eyophambana ngaso, betadisha inyanga nezinkanyezi, betadisha okuphathelene nelanga.

⁴⁷ Mkhulu kangaka! He, ngiyacabanga, uma umuntu ubengabheka phezulu ngasezibhakabhakeni, ubungakhala njengalowomqambi weculo waseSwidi, *UMkhulu Kangaka*, “UMkhulu kangaka!” Ukubona lezozinkanyezi ezincane, futhi mhlawumbe akubukeki sengathi zihlukene ngama intshi amane, ezibhakabhakeni, futhi nokho ziqhelelene kunoma sinjalo thina kuzo. Futhi, nokho, uNkulunkulu ukulawula konke.

⁴⁸ Naphandle eNtabeni iWilson, eCalifornia, ngo... Usonkanyezi owayesemhlanganweni wami, eChattanooga, wanginika imvume, enalona omunye usonkanyezi, ukuba ngenyukele lapho futhi ngithi ukubuka kulesisibuko esikhulu esandisayo. Babenezithombe, ngoba ngaya ngesikhathi sasemini. Futhi ungabona iminyaka eyizigidi eziyikhulu namashumi amabili yebanga lokukhanya. Kucaze lokho ngamamayela, futhi uyohambisa uhu lwezishiyagalolunye

zizungeze iTucson izikhathi ezimbalwa, uzama ukukucaza ngamamayela.

⁴⁹ Ungeke wakuqonda engqondweni yakho: iminyaka eyizigidi eziyikhulu namashumi amabili yebanga lokukhanya, futhi ngaphambili le kwalokho yizinyanga, izinkanyezi, namazwe. NoBaba wethu wakudala, ngokwentando yaKhe uqobo, nayo yonke into iseberza nje ngokupheleleyo. O, kumangalisa kanjani ukubona ukuthi Mkhulu kangaka, nokuthi-ke Angazenza Yena uqobo abelula kanjani, ukuze ungezu—ungezukuyigeja indlela.

⁵⁰ UIsaya 35 wathi, “Noma, eyisiwula akayikuduka kuyo.” Akuthathi khona ukuba smati, imfundu. Uma kwathatha khona, ngangiyoba oyedwa olahlekayo. Kuthatha ukukholwa nje, ukukukholwa. Ungazami ukukuqonda, kodwa ukukholwe. Nje, uNkulunkulu wakwenza, nalokho kuyakuxazulula.

⁵¹ Manje, sithola ukuthi abantu bazama ukuphikisana ukuthi akunjalo: abaphikinkolo. Lapha esikhathini esedlule eColorado...O, ngiqagele sekube amashumi amathathu, iminyaka engamashumi amane eyedlula. Kwakukhona u—umphikinkolo wayedlule ezweni, ezama ukwenza abaphendukela ekuphikeni inkolo. Futhi waze watshela ngisho nonina uqobo, ngenkathi efa.

Wathi, “Unganginikelela ini manje na?”

⁵² Wathi, “Ma, thatha ubuhlungu neshwa.” Futhi into enje pho ukuba uyisho kunyoko uqobo.

⁵³ Waba nokuba buthakathaka empilweni, ngakho waya eNtshonalanga, uku—ukuba athole ukuphumula okuncane. Wayesethatha umthwalo wayesebuyela emuva ezintabeni. Futhi ngoluny’usuku wayehamba phandle e...

⁵⁴ Nabefundisi wayesaba ukumhlasela, bathi, ngoba waye, o, wayenokuhlakanipha kobuqili, efunde kakhulu, isifundiswa esikhulu esiphucukile. Futhi bamshiya kanjalo nje, bamyeka ukuba azishaye azikhipe ubuchopho bakhe uqobo.

⁵⁵ Ngakho-ke, ngoluny’usuku, bathi wathi ukuhamba wayesephuma, futhi uqala ukubuka amadwala. Uqala ukumangala, ngempela, avelaphi na? Nento yokuqala uyazi, imimoya iqala ukuvunguza yehla idabula ezihlahleni zeshoba, “Adamu, ukuphi na?”

⁵⁶ Niyabo, iBhayibheli lathi, “Uma bethula, amadwala ngokushesha azakumemeza.”

⁵⁷ Lomphikinkolo wawa ngamadolo akhe futhi uqala ukuba ngonomoya omnandi, umKristu othandekayo, ngoba uNkulunkulu, emhlabenzi waKhe nezulu, wamemeza, ukuthi, “NginguMdali Owenza amazulu nomhlaba.”

⁵⁸ Ngesinye isikhathi esedlule, umngani wami, uMnu. Wood, wakhe eJeffersonville, umakhelwane olandelayo kimi. UMnu. Borders lapha, omunye we...imenenja yami,

uhlezi lapha kulobubusuku, wejwayelene kahle naye. Wayeza emhlanganweni waseLouisville. Futhi wayenguFakazi kaJehova, futhi wayenqatshelwa ngisho nokwethameла imihlangano, kodwa uza nomkakhe. Umkakhe wayekhonza kwi Anderson Church of God.

⁵⁹ Futhi bayibona intombazane encane lapho, ilethwa emsamо, nokuthi uMoya oNgewe�е wayitshela kanjani intombazane encane ukuthi yayiyini inkathazo yayo, nokuthi kwase kuyisikhathi eside kangakanani inayo, iphenduka ibe... Ngiyalikhohlwa igama lesifo, esibaphendula ushoki, noma itshe. Yayingasanayakazi cishe iminyaka emithathu. Futhi wayitshela, eGameni leNkosi, ukuthi yayizoba kahle. Futhi ngosuku olulandelayo, intombazane yayigijima yehla yenyuka ezitebhisi; yayisendlini ngalobobusuku, nje igijima wonke umsamо, nayo yonke into.

⁶⁰ UMnu. Wood, ethe ukuphatheka kabi ngalokhu, ekugcineni wa—wayene... Wayenomfana owayekhubazekile enovendle, umlenze wakhe ufinyele phansi kwakhe.

⁶¹ Ngasuka lapho, ezansi eHouston, eTexas, lapho isithombe eninaso seNgelosi yeNkosi senziwa khona. Naleyongxoxo ezansi lapho nalomfundisi oyibaptisti othathe uhangothi oluphikisayo, ukuthi uKristu wayengesuye uMphilisi manje. Kwase kuthi-ke iNkosi yafika phambi kwabantu abayizinkulungwane ezingamashumi amathathu ngalobobusuku, futhi yakubeka, Yayinesithombe saYo, ukuKhanya okunikeza ukubona okufihlakele, eyakhombisa ukuthi sasiqinisisile.

⁶² NoGeorge J. Lacy, inhloko yezobunhloli iFBI, wemisalela yeminwe nemibhalo wathatha, waseCalifornia, wafika esakhiveni sakwaShell phakathi lapho, futhi wasihlola isithombe, wayesethi, "Mnu. Branham, kade ngingumgxeki wakho, futhi ngathi kwakuyisayense ephathelene nengqondo, kodwa," wathi, "iso lomshini walekhamera ngeke layithatha isayense ephathelene nengqondo. UkuKhanya kwashaya ingilazi eqoqa imisebe yokukhanya." Futhi ngakho ninesithombe manje. Nesinye sazo siseWashington, D.C., eHholo yobuNgcweti bezenkolo, nenothi phansi kwaso, "Okuyikhona kuphela ubukhona obungaphezu kwemvelo obake bathwetshulwa emlandweni wezwe." Futhi manje, manje-ke, uma uke wedlula lapho, thana gqi ungene, usibone.

⁶³ Manje qaphelani. Kwase kuthi-ke uMnu. Wood waletha umfana wakhe endaweni, kulokhu, lapho esasikhona kwenye indawo. NoMoya oNgewe�е wabiza wayesethi, "Kunomfana emuva endlini, ogama linguDavid Wood. Uyise ungusonkontileka. UFakazi kaJehova." Ngingakaze ngibabone empilweni yami. Babakhe kwelinye izwe, ezansi eKentucky. Futhi ngakho Wathi, "ISHO KANJE

INKOSI, umfana usephilisiwe.” Futhi masinya lowomfana okhubazekile wasukuma ngezinyawo zakhe, ephile nje saka njenganoma yimuphi omunye umuntu. Usengumakhelwane wami manje. Ngamshadisa, cishe iminyaka emithathu eyedlula nentombazane enhle engumKristu, futhi banabantwana abahle ababili. Abantu abaningi lapha bayakwazi.

⁶⁴ UMnu. Wood nami, siza ekhaya, sashayela sehla ezintabeni zaseKentucky, ezweni elincane lapho kade ngisezinkundleni zekhempu yeMethodisti ezansi lapho, endaweni ethiwa yiActon, A-c-t-o-n, isitolo esisodwa nje—nje segilosa, igaraji likapetroli, nenkundla yekhempu. Futhi ibizwa ngeActon, eKentucky. I—indawo encane ine posí ofisi, yayo uqobo, likulesisitolo. Nganginomhlangano lapho. Futhi kwakubukeka kimi njengezwe elihle lokuzingela izingwejeje, ngakho ngangifuna ukubuyela emuva ezansi.

⁶⁵ Cishe iminyaka emibili kusukela lapho, sabuya futhi, ukuba sibuye futhi siyozingela izingwejeje.

⁶⁶ Futhi—futhi, kusobala, nina bantu baseArizona lapha, ngiyethemba... Bangaki owaziyo ukuthi izingwejeje ezimpunga zaseKentucky ziyini na? Bangaki asebake babona izingwejeje ezimpunga na? O, awu, ningaba ngakuyiphi ingxenyenye yeKentucky na? Ngakho manje-ke ngizizwa ngisekhaya ngempela. Ngakho ayikho into engcono ongayidla ezwensi. Uma benayo, angikaze ngiyithole.

⁶⁷ Ngakho sehla ngeholide lamaviki amabili, ukuyozingela, futhi lalomisile ngempela. Futhi labobafo abancane, o, he, bangasuka ngokushesha! Futhi sasidubula ngezibhamu ezinkulu ama .22, futhi komisa kakhulu asikwazanga ukuzingela. NoMnu. Wood wathi, “Mfowethu Branham, ngi—ngiyazi lapho okukhona i—indoda enama eka athi awabe ngamakhulu amahlanu noma ayisithupha, futhi inamagquma nezingoxe ezansi lapho, lapho amanzi ehla khona ngomfuldiana.” Wathi, “Kuyoba manzi. Singahamba singene phansi ekugcineni kwaleyo umfuldiana, singazethusi.” Kodwa wathi, “Ingumphikinkolo.”

Ngathi, “Awu, asihambe siyizame.”

⁶⁸ Ngakho sahamba sanqamula izwe futhi sadabula emahlathini, naphezu kwamagquma, okufana nemizila emincane yezingulube, saze senyukela endlini, namadoda amabili amadala nezigqoko eziyabuzelayo zibheke phansi ehlezzi phansi kwesihlahla. Wayesethi, “Yilowo ongakwelinye icala.” Wathi, “Ungumfana ol’khuni.” Futhi ngakho sama.

⁶⁹ Ngase ngithi, “Mhlawumbe kungcono kuhambe wena, uma umazi. Kungcono ngihlale emotweni.”

Wathi, “Kulungile.”

⁷⁰ Ngakho waphuma wayesehambahamba. Wathi, “Sawubona?” Wayesethi, “Igama lami ngingu Wood.” Wathi, “Igama lami ngingu Banks Wood.” Wathi, “Angazi nje noma bekungenzeka yini ukuthi besingazingela lapha isikhashana.” Wathi, “Kade sizingela ngapha komunye umfudlana.” Wathi, “Komisile laphaya; asikwazi ukuzingela.”

⁷¹ Yathi, “Ungumfana ka Jim Wood na?” Manje, uyise wayengofundisayo ophakeme ku Fakazi kajehova. Ungomunye wabafundisayo abaphakeme. Wathi, “Eqotho, indoda ekahle kakhulu!”

Wathi, “Ngiyindodana yakhe.”

⁷² Yathi, “Awu, u Jim Wood ungomunye wabantu aba qotho kakhulu impela engake ngahlangana nabo.” Yathi, “Unokuzikhethela kwakho nje, zingela noma yikuphi ofuna khona.”

⁷³ Wathi, “Ngiyabonga, mnumzane.” Wathi, “Ngize nomelusi wami. Ngiqagele kulungile kuye ukuba ahambe.”

⁷⁴ Yayisithi, “Awu qondile ukuthi usu zehlise ngangokuthi uze uthwale umshumayeli lapho oya khona na?” Yayisithi . . .

⁷⁵ Ngacabanga ukuthi kungcono ngiphume, ngakho ngaphuma emotweni ngase ngihambahamba. Ngathi, “Sawubona?”

⁷⁶ Yathi, “Sawubona?” Yayisithi, “Uyazi, ngiqagele ngithi ukuba ngumfo ol’khuni ngokuphambana nani bafo.”

⁷⁷ Ngathi, “Awu, wonk’umuntu emcabangweni wakhe.” Ngangifuna ukuzingela. Futhi ngakho yathi-ke . . . Ngathi, “Ngiqagele ungakwenza, wonke umfo emcabangweni wakhe uqobo.”

⁷⁸ Yayisithi, “Yebo.” Yathi, “Akukho lutho engimelene nakho ngawe into eyodwa nje.” Yathi, “Ukhonkotha phezulu esihlahleni esingesiso.”

⁷⁹ Bangaki owaziyo ukuthi lokho kusho ukuthini na? Leyo yinja enamanga, niyabo, ikhonkotha, isihlahla, “isilwane igqalashu silapha,” sibe singasekho. Akukho-gqalashu phezulu lapho. Niyabo?

Yathi, “Ukhonkotha phezulu esihlahleni esingesiso.”

Ngathi, “Awu, lokho kungumbono.”

⁸⁰ Nomama wami njalo wayengitshela, wathi, “Nika nje inkomazi intambo eyenele, izozilengisa yona.” Ngakho ngacabanga ukuthi ngangizoyinika inqwaba yentambo, ngakho ngayidedela—dedela iqhubekе futhi ixoxe.

⁸¹ Yathi, “Awu,” yathi, “Sengibe kulelizwe lapha . . . Lowoshimula omdala phezulu lapho yilapho ikhaya elingelokuqala lasha khona, cishe iminyaka engamashumi ayisithupha edlule. Ubaba wami wakha lendawo. Sengihlale lapha, ngahamba phezu kwalezizindawo manje.” Yathi,

⁸² “Ngineminyaka engamashumi ayisikhombisa-nesithupha ubudala. Futhi angikaze ngimbone uNkulunkulu, akukho-Ngelosi, noma lutho olunye.” Yathi, “Ngakho-ke,” yathi, “Ngi . . . Akukho-noyedwa.”

Ngathi, “Awu, kusobala, lokho kusalokhu kungumbono,” ngasho.

⁸³ ⁸² Yathi, “Awu, ngicabanga ukuthi nina bafo niyahambahamba nje niziphilisa kalula.”

Ngacabanga, “O, mfana, ukuba bewazi ukuthi kuyini! Kalula?”

Yayisithi, “Ngicabanga ukuthi nonke nje niziphilisa kalula.”

⁸⁴ Ngathi, “Yebo, mnumzane.” Ngathi, “Ya. Awu,” ngathi, “kusalokhu, kusembonweni nje.”

⁸⁵ Yayisithi, “Awu,” yathi, “yilokho engikholwa ngakho.” Yathi, “Ukhonkotha isihlahla esingesiso nje.” Yayisithi . . .

Ngathi, “Sewake waba sebandleni?”

⁸⁶ Yathi, “Qhabo.” Yathi, “Angikholelwa ekuyeni.” Yathi, “Kwakunomfo oyedwa, ngesinye isikhathi, ongena lapha cishe eminyakeni emibili edlule waseIndiana, wayenendawo ngapha. Babenomhlangano ezinkundleni zekhempu yamaMethodisti.” Yathi, “Ngiyalikhohlwa igama lomfo.” Yayisithi, “Uma ngingake ngibonane naye, ngifuna ukuxoxa naye.”

Ngathi, “Yebo?”

⁸⁷ NoMfowethu Wood waqala ukuthi . . . Futhi ngi . . . Inkomazi yayisisekugcineni kwentambo, ngakho ayifuni ukuKuxoxa. Ngathi . . . Ngimi lapho, ubuhwanqa ebusweni bami, bubude kangako, nginegazi nje yonke indawo, futhi ngingakaze ngigeze umzimba amaviki amabili, futhi ngakho niyazi.

Ngathi, “Yebo, mnumzane.” Ngathi, “Uthini ngakho na?”

⁸⁸ Yathi, “Awu, sinenenekazi elidala elakhe enhla lapha onqenqemeni, eligama *lithize*.” Yayisithi, “Lalibulawa ngumdlavuza.” Yathi, “Lona, salikhiphela eLouisville, kudokotela ogogodele umdlavuza, futhi bazama ukuhlinza. Wawusesiswini.” Yayisithi, “Lalizongolezelwe kakhulu, esiswini salo nomgudu wamatumbu, babengawazi ngisho nokuligeza ngochatho. Futhi nje baliletha ekhaya ukuba life.” Yayisithi, “Lehla kakhulu baze abangabe besakwazi nokulibeka epoweni; babedingeka nje basebenzise ishidi elimuncayo.” Yathi, “Unkosikazi nami sasenyuka, kabilo ngosuku, futhi sishintshe umbhede walo.” Yayisithi, “Lalifa.”

⁸⁹ Yayisithi, “Lomshumayeli wayengapha eActon.” Yayisithi, “Wayelapho ubusuku obubili.” Yayisithi, “Udadewabo wakhe ezansi lapha, omunye umfudlana, cishe amamayela angamashumi amathathu ngezansi. Wenyukela lapho ngalobobusuku. Yayisithi, ‘Indoda yayingakaze ibe kulelizwe

ngaphambili.’ Yayisithi, ‘Yayimi emsamo, yabuka laphaya ngokuvundla cishe abantu abangamakhulu ayishumi nanhlanu. Yayisithi, “I—inenekazi lapho, eligama lingu *s'bani-bani*, ngenkathi usuka ekhaya kulobubusuku ufake iduku elincane elimhloph ephaketheni lakho, ulisuse ekhabetheni lezitsha eliyimabula ngaphezulu. Futhi linokuncane okwenziwe kwal’hlaza *s'bhanabaka* ekhoneni. Unodade ogama lingu *S'bani-bani*, obulawa ngumdlavuza. Hamba, thatha leloduku bese ulibeka phezu kukadade. Ngokuba, ISHO KANJE INKOSI, uyophila.””

⁸⁹ Yayisithi, “Cishe ngeleshumi nanye nqo ngalobobusuku, ngacabanga ukuthi babene Salvation Army enhla lapho phezu kwegquma, ngawo wonke umsindo.” Yayiyisithi, “Nga... Ngivusa.” Yathi, “Ngathi kunkosikazi, ‘Awu, lifile. Futhi ngakho kusasa ekuseni ngizolanda inqola yami ukuba ngilikhipe.’” Okuyiyonandlela kuphela owawungafika ngayo lapho lalakhe khona. Wawufanele ulikhipe, ukuya lapho owawungaliyisa khona emotwени, ngenqola. “Yathi, ‘Ngizolinda nje kuze kube sekuseni.’ Yayisithi, ‘Sizohamba sililande, futhi silikhipe.’”

⁹⁰ Yathi, “Ngokusa okulandelayo, unkosikazi nami savuka kusesekuseni, ukuba senyukele lapho. Futhi yini esayithola ngenkathi singena, kodwa lalidla uphaya wama apula athosiwe etafuleni, nomyeni walo.” Yayisithi, “Lisenhla lapho manje. Alenzi kuphela umsebenzi ongowalo, kodwa lenza umsebenzi kamakhelwane walo.”

Ngacabanga, “A-o, nakhu!”

Ngase ngithi, “Manje, awukukholwa lokho.”

⁹¹ Yathi, “Awu, uma ungakukholwa, yenyuka futhi uzibonele wena.” Isishumayela kimi manje.

⁹² “Ngani,” ngathi, “ngosuku lapho sinesayense yesimanje, nodokotela, nabahle njengoba sinabo, futhi uqonde ukungitshela ukuthi abanye...”

⁹³ “Awu,” yathi, “uma ungakukholwa, yenyukela lapho bese ulibuza.” Yathi, “Nanto.” Yathi, “Lokho akunjalo, John na?”

⁹⁴ Wathi, “Kunjalo.” Enye indoda endala yayilikholwa. Yathi, “Kunjalo. Lisenhla khona lapho manje. Ungahamba ulibuze.” Manje, yona isishumayela kimi manje, niyabo. Ngakho, awu, lokho konke kuqinisisile.

Ngakho ngathi, “Awu, ubungathi kwenzekeni na?”

⁹⁵ Yathi, “Ngifuna kanjani ukubuza leyondoda, ukuthi yayazi kanjani ukuthi lowo kwakuyilovo wesifazane enhla lapha na? Yayingakaze ibe sezweni ngaphambili. Wayebulawa ngumdlavuza. Yayazi kanjani ukuthi wayebulawa ngumdlavuza na? Yalazi kanjani igama lakhe na? Nokuthi yayazi kanjani ukuthi lowo kwakungudadewabo na? Futhi yayazi kanjani

ukuthi wayezosinda uma leloduku libekwa phezu kwakhe na?” Yathi, “Ngifuna ukukhuluma kuyo uma ngiyibona.”

Ngathi, “O, ngithemba ukuthi uyakwenza.”

⁹⁶ Ngakho, ngajika. Futhi kwakuthi—kuthi akube phakathi noAgasti, futhi kushisa ngempela namaqabunga lase liqala ukuwohloka ezihlahleni. Futhi yayinesihlahla esihle sama apula lapho, na—nama apula onke ephansi. Ngase ngithi, “Ungaphatheka kabi uma ngingathatha elilodwa lalawo ma apula na?”

⁹⁷ Yathi, “Amayelojakethe ayawadla.” Bangaki owaziyo ukuthi yini iyelojakethe na? Ngakho, yathi, “Ayawadla. Ungavele nje nawe.”

⁹⁸ Ngakho ngathatha elilodwa ngase ngilesulela kulelibhulukwe elidala elingcolile, niyazi, ngase ngililuma. Ngathi, “Lelo yi apula elihle.”

Yathi, “O, yebo. Ngasitshala lesosihlahla lapho, eminyakeni engamashumi amane eyedlula.”

Ngathi, “Ehhe.”

“Lokho, yebo, mnumzane, ngasitshala.”

Ngathi, “Sithela kanjalo, minyaka yonke na?”

⁹⁹ “Yebo. Impela si . . . Singenza isixha esiningana sama apula asuka kuso, minyaka yonke. Somisa amanye phezu kweshede.”

Ngathi, “Yebo, mnumzane.” Ngathi, “Lokho kuhle kakhulu.”

¹⁰⁰ Ngathi, “Manje, into exakile.” Ngathi, “Uyaqaphela asibanga ngisho nesithwathwa. Asibanga nasibikezelo sokuphola noma lutho, futhi nokho onke lawomaqabunga aqathaka kulesosihlahla.” Ngathi, “Ngiyamangala ukuthi lokho kukanjani na?”

Yathi, “Awu, ukuphila kusuke e—eqabungeni.”

Ngathi, “Ukuphila kusuke eqabungeni na?”

Yathi, “Yebo.”

Ngathi, “Kuyephi ukuphila na?”

Yathi, “Phansi empanden yesihlahla.”

“O.” Ngathi, “Kwehleleleni lapho na?”

¹⁰¹ Yayisithi, “Awu, ukubalekela ubusika.” Yathi, “Uyabo, kuze kube cishe amashumi amabili ngaphansi kwezingaqhwa lapha.” Yathi, “Uma—uma lokho kuphila bekuphezulu esihlahleni, ukuphila bekuzofa. Kuzofanele kwehlele empanden.”

¹⁰² Ngathi, “O, ngi—ngiyabona. Ehhe.” Ngase ngithi, “Ngifuna ukukubuza umbuzo.” Ngathi, “Uyazi lesosihlahla asinabuhlakani, ngoba siyisihlahla nje, ingxenye yempilo

yesayense yezithombo ezimilayo.” Ngathi, “Nhloboni yobuhlakani obusitshelayo, ngaphambi kokuba kwehle isithwathwa, ‘Phuma lapho, ngokushesha okukhulu. Yehlela empanden'i bese ucasha. Uma ungakwenzi, uzofa.’ Buhlakani buni obenza lokho na?”

“Awu,” yathi, “leyo yimvelo nje.”

¹⁰³ Ngathi, “Awu, ngizokutshela. Thatha ibhakede lamanzi bese ulibeka esigxotsheni phandle lapho, ngoAgasti, ngibone onke lawomanzi ehlala phansi ekugcineni kwesigxobo, bese-ke ebuya enyuke futhi entwasahlobo.”

Yathi, “Bengingacabanganga ngalokho.”

¹⁰⁴ Ngase ngithi, “Cabanga ngalokho ngenkathi ngisayozingela izingwejeje. Bese kuthi-ke, uma sengibuya, uma uzongitshela ukuthi Buhlakani buni obutshela lawomanzi esihlahla kulesosihlahla, lokho kuphila, ‘Yehlela ezimpanden'i bese ucasha, kuze kube yintwasahlobo, bese-ke ubuya futhi.’ Uma uthola ukuthi Buhlakani buni obusebenza lokho kuphila kwehle kwenyuka, ngalesosihlahla, ngezikathini zonyaka, ngizokutshela ukuthi Buhlakani buni obangitshela ukuthi lowo wesifazane wayezophiliswa.”

Yathi, “Obatshela wena?”

Ngathi, “Yebo, mnumzane.” Ngathi . . .

Yathi, “Awusuye lowomshumayeli na?”

Ngathi, “NginguMfowethu Branham.”

Yathi, “Ungakufakazisa na?”

Ngathi, “Impela.” Ngathi, “Ngiqagele angibukeki ngifana nakho.”

¹⁰⁵ Yathi, “Qhabo, ngiyakwazisa lokho.” Yathi, yathi, “Ubukeka ungumuntu.”

¹⁰⁶ Ngase ngithi, “Awu . . .” Ngathi, “Awu . . .” Ngathi, kulokho, “Awu,” ngathi, “kulungile, mnumzane.”

Yayisithi, “Ungumfundisi na?”

¹⁰⁷ Ngathi, “Yebo, mnumzane. uNkulunkulu ofanayo ongakhuluma esihlahleni, angakhuluma kumuntu.” Futhi lapho ngamholela kuKristu umfo omdala.

¹⁰⁸ Sekungunyaka kamuva, ngiyabuya. Futhi wayeseyokobonana neNkosi. Nenkosikazi yangitshela, yathi, “Mfowethu Branham, wafela ekunqobeni, edumisa uNkulunkulu.”

¹⁰⁹ Kwakuyini na? Ubone uNkulunkulu ekhuluma emhlabeni waKhe nezulu. Ngazo zonke izinto ayezibonile, futhi nokho yona impela imvelo yesihlahla yamemezela kuye ukuthi wayekhona uNkulunkulu. Niyabo? Futhi wakuthola, futhi wathola uJesu Kristu njengoMsindisi wakhe.

¹¹⁰ O, ukuthi ungaMbona kanjani ekuphumeni kwelanga, uMbone ekushoneni kwelanga. Ndawo zonke obuka kuzo, ungambona uNkulunkulu. Njengoba ngasho, ngobuny'ubusuku, "Uma Engaphakathi kuwe, ungaMbona phandle *lapho*."

¹¹¹ Enhla eColorado, ngokuvamile ngenyukela lapho ngizingela. Futhi ngenye ikwindla... Omunye umfo nami sizingela enhla lapho, futhi siyehlukana. Sasizingela izinyamazane ama elki, phezulu le, kuze kufike amaqhwa futhi ehlise izinyamazane ama elki. Ziphezulu ngempela ngalapho kunolayini bemithi yamapulangwe, ngoba ziyisidalwa sasendle. Futhi ngakho sasithathe ihashi elithwala imithwalo, ngalinye, nehhashi elitshelwayo, sasesenyukela phezulu. No—noMnu. Jeverez, umnikazi weplazi lezinkomo, wayebuyele emuva ngale empambukweni eyodwa yomfudlana, cishe amamayela angamashumi amabili, nami ngiza ngapha.

¹¹² Futhi ekwindla lonyaka, ngaleyondlela, ziyo... Niyazi, ilanga lizokhanya isikhashana, bese kuba yimvula isikhashana; likhithike iqhwa isikhashana, line futhi, bese-ke ilanga liphume. Niyazi ukuthi kukanjani.

¹¹³ Nesichotho safika savundla intaba. Ngangicishe impela ngibe selayinini wemithi yamaplangwe. Futhi ngangibophele ihashi lami elitshelwayo, phansi le, ishumi, amamayela ayishumi nambili ngezansi kwami, futhi ngangihamba ngizingela, kuthi ukomisa, futhi nakho kufika isiphepho. Futhi ngaya emva kwesihlahla, ngakwesiwiswe ngumoya, nalapho imimoya yayikade iphephule yawisa eminye imithi yamaplangwe, esinye isithombo esinesihlungu. Futhi ngakho ngangimi emva kwalezizihlahla kwaze kwedlula i—imimoya. Nesiphepho saphenduka sabanda. Ngama lapho, cishe ihora nohhafu, ngiqagele, cishe impela kwase kuyiqequeba lamakhaza, nomoya uvunguza. Kwase kuthi-ke, emva kwesikhashana, sadeda. Futhi ngathi ukuyendezela, futhi ngathi ukwezelka kancane.

¹¹⁴ Ngakho ngabuka phezulu, futhi ngenkathi ngenza, mina ngimile, ngiqalaza. Ngase ngibona ilanga livela, njengoba lalishona. Futhi phezulu liphakeme lapho, lapho imvula yayikade iphephule khona, yayishaye izihlahla ezingawohloki amaqabunga, futhi yayiphenduke iqequeba lika ayisi phezu kwazo. Nelanga lalibonakalisa kulowo ayisi, futhi lenza uthingo lwenkosikazi. O, he! Ngangimbona uNkulunkulu lapho. KunoNkulunkulu, khona lapho, othingweni lwenkosikazi lwasivumelwano. Ngacabanga, "KunoNkulunkulu phezulu lapha, esiqongweni sentaba."

¹¹⁵ Manje-ke, emva kwesikhashana, ngezwa enkulu inkunzi yeniyamazane ielki. Yayilahleke esiphephweni. Ikhalela umhlambi. Nga—nga—ngangimuzwa uNkulunkulu kulokho. Impisi endala yamemeza entaben, umata eyiphendula, ezansi

phansi ekugcineni. KunoNkulunkulu kulokho. Ngangikhola njalo ukuthi Wayehlala phezulu lapho. Nango Wayesekushoneni kwelanga. Nango Wayesothingweni lwenkosikazi. Nango Wayesekubizeni kwenyamazane ielki. Nango Wayesekubizeni kwempisi. Usemvelweni, macala onke, ndawo zonke.

¹¹⁶ Futhi okwangimangaza, ngaphesheya nje kwami, phezu kwesiqu, kwakuhlezi ingwejeje yephayini. Ifana nesikhova somIrishi nje, “konke ukuqophisana nezimpiko, futhi kungekhosikhova,” niyazi. Futhi umfo omncanyanya nje, ehlezi sengathi unesifumbu konke, kodwa uyiphoyisa lebhantshi elil’hlaza s’bhakabhaka lamahlathi. Uma empompoloza, zonke izinyamazane ziyogijima. Futhi nansi yayilapha, ihlezi lapho, ingitshwekezelwa, kube sengathi nje yayizongidabula ingenze izicucu. Futhi yayingenkulu *kangako*. Kodwa yona igxuma nje yehla yenysuka. Ngase ngicabanga, “Ungaxhuxhum kangaka, mfo omncane.” Futhi okwakuyixhuxhumisile...

¹¹⁷ Nga—ngathola ukuxhuxhuma kancane, qobo lwami, ngenkathi ngiqala ukubona zonke lezozinto. “Nkulunkulu,” ngathathi, “o, ukuba sendaweni enhle kanje pho!” Ngezwa njengoba kwezwala uPetru, phezulu eNtabeni yokuPhenduka esinye isimo, “Asakhe amadokodo amathathu futhi sihlale lapha.” Ngase ngi—ngicwala kakhulu inkazimulo kaNkulunkulu emphefumulweni wami, nge—ngencikisa isibhamu sami esihlahleni. Futhi ngangiqhuma, ngiqagele. Ngagijima ngizungeza, ngizungeza isihlahla, ngimpompoloza, “Akadunyiswe uNkulunkulu! Akadunyiswe uNkulunkulu!”

¹¹⁸ Ngadingeza ngiveze obala into ethize. Futhi ayizange... Okuyiyona kuphela ivalvu eqhumayo enganginayo, ngiqagele. Ngakho ngavele nje... Angazi noma senake nazizwa yini nikahle kanjalo noma qha. Kodwa ungakwenza, ngoba ngangibe nesehlakalo sakho. Ngiyazi kulungile, uma ungabuka phandle bese ubona uNkulunkulu ngakuwe.

¹¹⁹ Awunuki-ntuthu kasikilidi phezulu lapho, futhi akukhotshwala nezinto phezulu lapho, futhi akukho-besifazane abagqoke uhfafu. Base—base—basezansi ezindaweni zikadeveli okuthululelwu kuzo izibi.

¹²⁰ Kodwa lokhu kuphezulu lapho lapho uNkulunkulu ehlala khona. Futhi ngakho manje-ke, phezulu lapho, ngigijima ngizungeza, ngizungeza, ngithi, “NgiyaKubonga, Nkosi! Ngilubonile lolothingo lwenkosikazi.” Ngacabanga, “Ufanele ukuthi ubuka ngale...”

¹²¹ Esahlukweni 1 seSambulo, uJohane waMbona enjengothingo lwenkosikazi, enjengoAlfa noOmega, o, isiQalo nesiPhelo. Enesivumelwano, ukuthi Akasayikulibhubhisa izwe. Futhi manje-ke sinakho, kuleli, iTestamente eLisha liyisivumelwano seGazi laKhe.

¹²² Nokuthi ngiqala kanjani, ngithola, ukuqhube ka. Ngangingadlali nje ukuba ngumzenzisi. Ngazizwa ngikahle, futhi ngangifuna ukuziveza obala kimi uqobo. Futhi ngangimpompoloza, “Akadunyiswe uNkulunkulu!” futhi ngizungeza, ngizungeza isihlahla. Ngiqagele babecabanga ukuthi babenohlanya emahlathini, uma umuntu mumbe wayengenyuka. Kodwa ngangingenandaba ukuthi ubani owayelapho. Ngangizizwa ngikahle, futhi ngangifuna ukuthokoza eNkosini.

¹²³ Futhi ngicabanga ukuthi ngayixhuxhumisa leyongwejeje encane. Futhi, yona, ngiqagele ayikaze iyibone noma yini enjalo. Kungesizo izingwejeje kuphela, kodwa inqwaba yabany’abantu akaze babone noma yini enjalo, noma ngisho nezidalwa ezingabantu. Futhi ngangilapha, ngihambahamba. Ngiqagele ngangingobukeka exakile, kodwa ngangizizwa ngikahle. Kwase kuthi-ke yayihlezi lapho, isasifumbu konke, futhi ingitshwekezel a. Amehlo ayo amancane eqhunsukile esihlathini sayo, cishe impela.

¹²⁴ Ngathi, “Ungethuki. Bengikhonza uMdali wethu nje. Hlala phansi. Yenza into efanayo. Uzozizwa ungcono.” Kwase kuthi-ke umfo omncane wahlala phansi. Ngacabanga, “Awuboni na? Buka. Nakhu. Phakamisa izandla zakho bese udumisa iNkosi.” Ngathi . . .

¹²⁵ Kwenzeka ngaqaphela. Yayingabuki mina. Yayigobise ikhanda layo, ibuka *kanjalo*. Ngacabanga, “Awu, ubukani umfo omncane na?” Nesiphepho sasiphephule futhi saphoqa ukhozi olukhulu ukuba lwehle, kulokhu ukuphephula okuwisayo. Futhi yilokho eyayixhuxhuma ngakho, lolokhozi luhamba lugaqazela, leloblashi ezansi lapho.

¹²⁶ Ngakho ngacabanga, “Manje, Nkosi, ngiyaKubona othingweni lwenkosikazi. NgiyaKubona ekushoneni kwelanga. NgiyaKuzwa ekubizeni kwezilwane. Futhi manje, ngingake ngiKubone kanjani kulolokhozi na? Ngabe Ukulolokhozi na? Futhi Ungiyekiseleni ukuKudumisa na?” Niyabo, uNkulunkulu wenza yonk’into ngokuyikho. Wayazi ukuthi ngiyokuxoxa lokhu ngoluny’usuku. Futhi Wayelapho. Lolukhozi olukhulu lwagxumela e-engatsheni, lwase lungibuka. Ngase ngicabanga, “He, ngiyalwazisa. Alwesabi.”

¹²⁷ Ngiyayazisa noma yini engesabi. UNkulunkulu angelisebenzise igwala. Uma uyigwala kakhulu ukufakaza phambi kukabasi wakho, phambi kwanoma yimuphi omuny’umuntu, futhi unamahloni ngoJesu Kristu, Angekusebenzise, uma unamahloni ngeVangeli likaJesu Kristu. Ngicabanga njengoPawulu wathi, “Anginamahloni ngeVangeli likaJesu Kristu, ngokuba Lingamandla kaNkulunkulu ekusindisweni kwawo wonke okholwayo.”

¹²⁸ Abanye abantu bangaqhubeke, ebandleni; kodwa uma befika ngaphandle, bayabohla. Manje, lolohlobo lwenkolo aluluhle. Lokho kungukwenza umbukiso nje. Izofanele iphilwe.

¹²⁹ Ngase-ke ngiqaphela lolukhozi olukhulu. Lwalungesabi. Ngacabanga, “Awu, uyazi uku’thini? Awungesabi na?” Lawomehlo amakhulukazi ampunga engibuka, ngacabanga, “Awesabi ngani na?” Ngathi, “Ngingathatha isibhamu sami lapha futhi ngikudubule.” Ngathi, “Awungesabi na?” Futhi lwavele nje...Lwalunganginaki. Lwalubhekisia leyongwejeje. Lwalubuka mina emuva, bese-ke lubuka ingwejeje. Ngacabanga, “Sengikhathela yilowomsindo, nami. Awunjalo wena na?” Futhi ngakho lwaluqhubeka nje nokubhekisia, emuva naphambili.

¹³⁰ Futhi emva kwesikhashana, ngacabanga, “Yini elwenza luqiniseke kangaka—kangaka na?” Ngaqaphela luqala ukuzwa amaphiko alo, niyazi, lunyakazisa izimpiko zalo emaphikweni alo. Ehhe. Niyabo, nanto. Niyabo, lwalunesipho olwasiphiwa nguNkulunkulu, lawomaphiko. Futhi lwalwazi, ngaphambi kokuba ngibeke isandla sami kulesosibhamu, lwaluyobe selukulowomuthi wamaplangwe. Niyabo? Futhi lwalungesatshiswa, inqobo nje uma lwalukwazi ukuzwa a—amandla okuqina uNkulunkulu aluphe wona, ukuba luye ekuphepheni.

¹³¹ O, ukuba umKristu kuphela ubengenza lokho! Uma ukhozi lwakwazi ukubeka lelothembu elingako emaphikweni ahambisanayo ukuba alususe enkathazweni aluyise ekuphepheni, ubefanele kakhulu kangakani owesilisa noma owesifazane eBukhoneni bukaJesu Kristu, lapho Ezenza khona aziwe Yena uqobo, esatshiswe noma yini na? Mmm? Uma ningahle nazi futhi nibone, nibone iBhayibeli lithi kuyoba ngalendlela, futhi nakhu lapha, uJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade, ehamba phakathi kwethu, enza into efanayo Ayeyenza njalo, futhi wethembisa ukuthi Uyoyenza ngaphambi nje kwesikhathi sokuphela, besingesaba kanjani na? Akukho okuzonilimaza. Kunganilimaza kanjani na? Yena uyanqoba, futhi wanqoba yonke into: ukufa, isihogo, ithuna, ukugula, yonke eny’into, isono. Uyi... Ngiphelele kuYe. Hhayi mina uqobo; anginalutho. Kodwa kuYe ngiphophile.

Ngimbone eqhubeka nokwenza lokhu.

¹³² Omunye wathi kimi ngesinye isikhathi, wathi, “Mfowethu Branham, awesabi yini ukuthi uyothola umuntu mumbe emsamo ngesinye isikhathi, bese wenza iphutha na?” Hhayi uma nje ngisaMuzwa ekhona ngapha, akuyikuba yiphutha. Kunjalo. Kuyoba lapho njalo.

¹³³ Niyazi, lwahlala lapho lwaze lwakhathala, lulalele leyongwejeje endadlana yaphansi laphaya, tshweke, tshweke, tshweke. Ngakho nje lwagxuma kakhulu kanye. Lwabhakuzisa

amaphiko alo cishe kibili, futhi ngaqaphela alubange lusawabhakuzisa amaphiko alo. Lwazi nje ukuthi ahlelwa kanjani amaphiko alo. Futhi ngenkathi kungena umoya, lwavele nje lwagibela lwenyukela emoyeni. Nomoya wawungena futhi; lwavele lwagibela lwenyukela emoyeni futhi. Futhi lwavele lwagibela amagagasi ngamagagasi. Futhi ngama ngase ngilubhekisisa lwaze lwaba nje yichashaza elincane esibhakabhakeni. LwaqhubeKA, IwaqhubeKA, lwaqhubeKA, lwaqhubeKA.

¹³⁴ Ngama lapho, ngiqala ukwesula izinyembezi ebusweni bami. Ngathi, "Yilokho-ke, Nkulunkulu. Ngiyabona ukuthi yingani Uthumele lolokhozi lapha." Niyabo?

¹³⁵ Akusikho ukugxuma futhi ube yiMethodisti ngaleliviki, futhi ugxumele ngale futhi ube yiBaptisti ngeviki elizayo, futhi ubhakuze, ubhakuze uye kwelinYE, bese-ke ubhakuza, ubhakuza, elinye. Kodwa kungukwazi ukuthi uwahlela kanjani amaphiko akho okukholwa emandleni kaMoya oNgcwele. Futhi lapho kungena njengokuduma ko-komfula okhahlamezayo, gibela phezu kwamabuya awo. Suka kulokhu ukutshwekeZA okudadlana kokubanjwa ngumhlaba, tshweke, "Izinsku zezimangaliso selwedlule. Ayikho into okuthiwa ngumbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Akukho ukuphilisa ngokukaNkulunkulu," tshweke, tshweke lapha; notshweke, tshweke lapho. Hlela amaphiko akho nje emandleni kaMoya oNgcwele, bese uMvumela akuthwale ngaphezu kwakho konke lokhu ukutshwekeZA okudala, umpsindo wokutshwekeZA, ukuthi, "Ayikho into enjalo."

¹³⁶ Lolokhozi lwalukwazi olwalukwenza. Lwalukwazi ukwethemba. Niyabo? UNkulunkulu usemhlabeni waKhe nezulu. Anikuholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Niyambona uNkulunkulu emhlabeni waKhe nezulu na? NingaMbona ezinyonini. NingaMbona ezimbalini. Ni...O! Besingachitha bonke ubusuku kukho. Kodwa niyakholwa ukuthi uNkulunkulu usemhlabeni waKhe nezulu na? ["Amen."] Kulungile.

¹³⁷ Manje sizobona uma uNkulunkulu eseZwini laKhe. Manje sizobuka uNkulunkulu eseZwini laKhe. Akusikho kuphela ukuthi UseZwini, kodwa UyiZwi. Kunjalo. IBhayibheli lasho kuJohane oNgcwele, isahluko 1, "EkuqalenI wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu." UNkulunkulu neZwi laKhe uyafana.

¹³⁸ IZwi, uJesu wathi, liyiMbewu umhlwanyeli ayihlwanyelayo. Futhi noma yiyphe imbewu eqhumayo ohlobweni olufanele lomhlabathi iyoveza uhlobo lwayo.

¹³⁹ Futhi manje ngiyaqonda ukuthi lokhu kuyateyishwa. Nalamateyipu, sinenkonzo yamateyipu, umhlaba jikelele. Futhi

abantu abaningi, lapha nje kulobubusuku, lapho cishe abantu abayinkulungwane belalele. Phambi kokuba leteyipu ime, kuzoba neshumi eliphindaphindwe kashumi lezinkulungwane eziyizwayo, niyabo, umhlaba jikelele.

¹⁴⁰ Futhi ngiya kokuqoshiwe, ngisho lokhu, ngeZwi likaNkulunkulu liyiMbewu. Uma ningathatha isimilo sokuziphatha somqondo okahle ngakunoma yisiphi isithembiso sobuNkulunkulu sikaNkulunkulu, Uzosifezekisa, uma nje ungazibeka wena uqobo endaweni eyiyonayona ukuba ukholwe ukuthi lesosithembiso sasingesakho.

¹⁴¹ Kodwa uma uzovumela omunye oyintekentke akususe, nenye futhi imfundu kunoma azi ubuhlakani bobuqili ngokwenene ukwazi ukuthi kulawulwa kanjani, angakuxebula komunye unyaka owedlula, nomu komunye unyaka osazofika, akuzukusebenza kuwe. Njengoba uJesu athi, “Nithatha amasiko enu futhi niyenza ize imiyalo kaNkulunkulu,” uma uzama ukubeka uNkulunkulu abe nguNkulunkulu othize womlando, nomu uNkulunkulu othize osazofika ngaphambili.

¹⁴² “Nguyenya izolo, namuhla, naphakade.” Unguye impela nje uNkulunkulu manje njengoba Wayelokhu enjalo. Futhi uma ningathatha lesosimo sokuziphatha, ukuthi lesosithembiso ngesenu! UJesu wathi, kuMarku oNgcwele 11:22, “Ngiqinisile Ngithi kini, uma nithi kulentaba, ‘Nqukuleka,’ ningangabazi enhliziyweni yenu, kodwa nikholwa ukuthi enikushiloye kuzofezeka, ningaba nakho enikushilo. Ngithi, uma nikhuleka, nikholwa ukuthi niyakwemukela enikucelayo, niyophiwa khona.” Singaba sikhulu kangakanani isithembiso ebelsingenziwa kunaLeso na? Nifanele nisikholve, ngoba Siyimbewu. Manje, uma ngi...

¹⁴³ Uma ungingela isihlahla som oki, futhi ngikuniike isithelo som oki, sekungashiwo ukuthi unesihlahla som oki. Usesimweni sembewu. Futhi uma ufunu uNkulunkulu empilwени yakho, vele nje uMemukele njengoMsindisi wakho. Sekungashiwo, ukuthi uyindodana kaNkulunkulu egewaliswe ngokugcwele. Uzokhula ube ngumumo kaNkulunkulu. Njengoba nje kwenza isithelo som oki, sikhula sibe yisihlahla som oki.

¹⁴⁴ Manje, nina bantu lapha eArizona, nitshala ama orintshi. Kuqala, liyimbewu. Imbewu iyabola. “Imbewu, uhlamu lukakolo, lufanele luwele emhlabathini,” njengoba uJesu ashongaYe uqobo. Izofanele ibole.

¹⁴⁵ Nento kuphela eningayenza nguku—ku... Indlela kuphela, ngukwemukela leyombewana yokuPhila kweZwi likaNkulunkulu, ukuPhila kukaNkulunkulu uQobo, beseke nibola emibonweni yenu uqobo. Nidedele uNkulunkulu akwenze.

¹⁴⁶ Akumsebenzi wami ukuzama ukuLifanisa. Ngeke ngaLifanisa. NgiyaLikholwa nje. Akazange angicele ukuba

ngiLifanise. Akazange athi, “ULizwile ngokuliphatha na?” Akazange athi, “ULiqondile na?” Wathi, “ULikholiwe na?” Kuyilokho-ke eliyikho.

¹⁴⁷ Ungazami ukuya kwelinje ikholiji bese uthola okunye kwaloluketshezi lokugqumisa ngokufunzwa imfundiso ethize ifakwe kuwe, yesinye isivumokholo senhlaliswano. Into oyifunayo ngumbaphathizo kaMoya oNgcwele, a—amandla kaNkulunkulu angene ngaphakathi ehlala kuwe, emukela leliZwi futhi aLenze lisimame njengoba ngempela Linjalo. Ukujikeleza nokujikeleza umhlaba, naphambi kwazo zonke izinhlobo zabantu, ngiyazi lokho kuqinisile. UnguNkulunkulu.

¹⁴⁸ Manje, lesosihlahla esincane sama orintshi, uma siphansi kwe... Manje, uma usitshala ngaphandle, mhlawumbe uma usithola, siyisethi encane, ihlumela, elithi alibe likhulu *kangaka*. Manje, ultishale. Manje, yilokho kuphela ozofanele ukwenze kuso. Awudingi ukuba uhambe bese uthi, “Manje, ngifanele ngizitholele ama orintshi athize ndawondawo, bese ngiyolahlela kuwo.” Ama orintshi selivele likuso.

¹⁴⁹ Into kuphela lesosihlahla esincane esizofanele siyenze. Uzodingeka ugcine inqwaba yamanzi kuso. Bese kuthi-ke into kuphela isihlahla esizofanele siyenze ngukuphuza. Futhi siyaphuza siphuze, size siphuze siqede umthamo waso. Futhi lapho siphuze, sifuqa sikhipe izingatsha. Futhi siphuze amanye futhi, futhi sifuqe sikhipe amaqabunga. Siphuze amanye futhi, sifuqa sikhipe imiqumbe. Siphuze amanye futhi, sifuqa sikhipe ama orintshi. Nje siphuze futhi sifuqe, siphuze futhi sifuqe, lokho.

¹⁵⁰ Nalowo nguwe. Uma sitshalwe ndawonye kuKristu, into kuphela esizofanele siyenze ngukuphuza esithembisweni saKhe, futhi sifuqe sikhipe. Yonke into oyidingayo ikuwe uma wemukela uKristu, ngoba uKristu ukuwe. Futhi uzofanele nje uphuze eZwini laKhe, ukuPhila kwaKhe, bese ufufela ngaphandle. O, yebo. Ngimkholwa ukuthi ungaManzi afika phezu kwethu. UngukuPhila. Ngikholwa ukuthi UNGuMthombo wokuPhila ongapheli amandla, ukuthi nje sitshalwe kuYe futhi sifuqa sikhipe.

¹⁵¹ UAbrahama wemukela uNkulunkulu eZwini laKhe, ngenkathi eseindoda endala, iminyaka engamashumi ayisikhombisa-nanhlanu ubudala. USara wayenamashumi ayisithupha-nanhlanu. Wayesedlule cishe ngeminyaka engamashumi amabili anqamuka ukuya esikhathini. Wayehlale naye kusukela cishe eneminyaka eyishumi nesishiyagalombili ubudala. Udadewabo uhfafu; waganwa nguye. NoNkulunkulu wafika endodeni endala ngoluny’usuku, futhi wayitshela ukuthi yayizoba nengane ngoSara. NaleloZwi, leloZwi, uNkulunkulu eZwini laKhe! Ngenkathi uNkulunkulu ekhulumfa lokho

kuAbrahama, zonke izizindlo zanoma yini ephambene nalo zasuka kuye.

¹⁵² Yileyondlela owenza ngayo uma ubona uNkulunkulu eZwini laKhe. Ufanele uLemukele kanjalo, nokho. Niyabo?

¹⁵³ Izwi lakho alifi neze. Bengingakhuluma lapha, nge—ngesethi ethumelayo, namazwi ami ayohamba ajikeleze umhlaba ngomzuzwana owodwa. Kulendlu kulobubusuku kuza izithombe zabantu. Vula itelevishini yakho bese uthola ukuthi akunjalo yini. Amazwi abantu edlula lapha. Awuliboni. Imizwa yakho awulimemezeli, kodwa likhona. Nezwi alifi neze.

¹⁵⁴ Lapha kungekudala ngabona umbono walona wesifazane osemusha efa, abathi wazibulala. Sekwedlule cishe unyaka. Ngiyakhohlwa... Wayengolunye uhlobo lwentombazane eyayingowesifazane othandwa kakhulu ngabantu. Futhi ngangiphezulu ezintabeni. Ngambona efa. Futhi bangitshela, bathi... Wangitshela, wathi, “Manje, u...Ungasho ukuthi ngelesine nqo. Yimizuzwana embalwa nje ngaphambi kwelesine.” Wayesethi, “Bazothi uzibulele, kodwa wabulawa ngukuhlaselwa yinhlizyo.” Ubani igama lalowo wesifazane? Nje u...Owesifazane osemusha onekhanda elimnyama, uMarilyn Monroe. Kwakuyilelo-ke. Yena, wafa, futhi—futhi akazibulalanga.

¹⁵⁵ Ngayidabukela intombazane. Yayibonakala njalo iluhlobo lowesifazane, okhandlekile, yayifuna into ethize. Ngifisa sengathi ngabe ngafinyelela kumntwana. Wayedinga uKristu. Angahle ukuba waya kwelinye elibandayo, eliyilo ngegama nje ibandla. Kodwa wayedinga udaba lwangempela lwensindiso, nento ethize enhliziyweni yakhe, ukunikeza lesosiqiniseko. U...Uyise, wayengakaze ambone. Unina wayesesikhungweni sezinhlanya. Konke kwakusengqondweni yentombazane. Yayidinga uKristu. Bese kuthi-ke, kulokho, siyakwazi lokho.

¹⁵⁶ Ngobuny'ubusuku, abantwana bami wayengitshela ukuthi kwitelevishini babezoba nomdlalo othiwa “The River of No Return.” Yilapho engabamba khona uthingo lwenkosikazi oluyirekhode lomhlaba, ezansi lapho ngesikhathi esisodwa neChristian Business Men. Futhi babefuna mina ukuba ngibone ukuthi ngabe lowo kwakungumfula yini; uye endaweni netelevishini futhi uwubone, ukuthi ngabe lowo kwakungumfula yini, nokuthi ngabe uDon Smith, umphelekezeli, ehlise lentombazane. Nanso yayilapho kwitelevishini, intombazane efanayo engangiyibonile, futhi sekuphele unyaka yafa. Kodwa lapho, wonke umnyakazo eyawenza wawukhona lapho, ilingisa, iphimbo layo, iphila. Manje, lokho kunjengasezingeni lesine. Naleyonto efanayo iyoba kithi sonke ngoSuku lokwaHlulelwya.

¹⁵⁷ Futhi manje-ke ngenkathi uJesu Kristu ekhuluma lamaZwi, awafi neze. Isayense iyasho, eminyakeni engamashumi amabili kusukela manje bangacosha iPhimbo langempela. Bayokwazi

ukucosha iPhimbo langempela likaJesu. Lisekhona emhlabeni. Isizathu, niyabo, yisigxobo esithumelayo, niyiso. Manje-ke kuzofanele kube nesigxobo esemukelayo. Futhi uma ungaba yisikhongozelo, uyabo, isigxobo esemukelayo, ukwemukela iZwi likaNkulunkulu, khona-ke Liyilo ngempela kuwe, futhi Liyophila njengoba nje lalinjalo ngaleyonkathi. Amen.

¹⁵⁸ Manje, uAbrahama walicosha. UNkulunkulu wathi, “Uzoba nengane ngoSara umkakho.”

¹⁵⁹ Manje, emqondweni wemvelo, lokho kungubuwula. Ungathini nje indoda endala, ineminyaka engamashumi ayisikhombisa-nanhlanu ubudala, nomkayo eneminyaka engamashumi ayisithupha-nanhlanu ubudala, yehla futhi ithi, “Manje, dokotela, sifuna ukwenza amalungiselelo esibhedlela”?

“Ngani,” bathi, “indoda endala isangene ekhanda layo.” Niyabo?

¹⁶⁰ Kodwa bonke abantu abathatha uNkulunkulu eZwini laKhe, ezweni, uthathwa ngokuthi uthe ukusangana kancanyana ekhanda labo, ngoba izinto zalezizwe zingokwenyama, kuNkulunkulu. Nokushunyayelwa kweVangeli, nomKristu, kungubuwula kubo ababhubhayo, futhi.

¹⁶¹ Kodwa uAbrahama wakukholwa. Sengiyambona uSara enitha izicathulwana ezincane zabantwana, niyazi, futhi elungisa ophini, futhi uselungele. Inyanga yokuqala yedlula, futhi, niyabo, wathi, “S’tandwa, uzizwa unjani na?”

“Akukho-mehluko.”

“Udumo kuNkulunkulu. Sizoba nayo, noma kanjani.”

“Ngani na?”

“UNkulunkulu washo njalo.”

Wedlula unyaka. “Uzizwa unjani, Sara na?”

“Akukho-kwehluka.”

“Sizoba nayo, noma kanjani. Haleluya!”

“Wazi kanjani ukuthi uzoba nayo na?”

“UNkulunkulu washo njalo.” YiZwi, uNkulunkulu wethembisa.

¹⁶² Iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu kamuva, iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu kamuva, yena eneminyaka eyikhulu ubudala, naye enamashumi ayisishiyagalolunye, ugogo omncane efake isikhafu sasemahlolome, efake nekepisi elincane elinothuli. Induku, ehamba eyibamba kanje, naye esemdalala, nentshebe yakhe ilenga. “Kukhona okuzwayo okwehlukile, s’tandwa na?”

“Akukho nokuncu, mtakwethu.”

¹⁶³ “Udumo kuNkulunkulu! Sizoba nayo, noma kanjani. UNkulunkulu washo njalo.” Niyabo?

¹⁶⁴ Nakho lapho okhona. Bese kuthi-ke sizibize ngenzalo kaAbrahama na? Akunandaba, ngani, kuzoba ngokukhulu... Wayekwazi ukudumisa uNkulunkulu kakhulu futhi, iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu kamuva. Kuzoba yisimangaliso esikhulu ngokuthe xaxa.

¹⁶⁵ Kodwa sizobona uJesu Kristu ezibonakalisa Yena uqobo phambi kwethu ngqo, futhi uma Engenzi into ezenzekelayo, “Ngikugejile. Angikutholanga.” Inzalo kaAbrahama na? Niyabo?

¹⁶⁶ UNkulunkulu eseZwini laKhe! “Kodlula amazulu nomhlaba,” kwasho uJesu, “kepha amaZwi aMi awasoze ehluleka.” UNkulunkulu emhlabeni waKhe nezulu. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] UNkulunkulu useZwini laKhe.

¹⁶⁷ Ngenkathi ikhulu namashumi amabili amancane, abantu abanobugwala, ababekade behambe noJesu iminyaka emithathu nohhafu, emhlabeni, babeMbonile evusa abafileyo, futhi enza izimangaliso, nezibonakaliso, kanjalonjalo...Babesaba ukusongelwa ngabaJuda. Bakhwela phezulu ekamelweni eliphezulu ngaphandle kwendlu, izitebhisi ezazenyukela ethempelini, beya ekamelweni elincane eliphezulu, ikamelel elincane lomkhuleko lento ngaphandle, lapho amanye amakhandlela amancane amafutha omnqumo lalivutha khona, noma izibani zinentambo yelambu kulo. Futhi bakhwela phezulu lapho base bevala iminyango ngemigoqo, ngoba babesaba amaJuda.

¹⁶⁸ “Kwathi selufike ngokugcwele uSuku lwePhentekoste, kwavela eZulwini inhlokomo kwangathi eyokuvunguza koMoya onamandla, futhi Yona yagwalisa indlu yonke ababehlezi kuyo.” Iminyango yasho yavuleka, amafastela asho avuleka, baphumela emgwaqeni, befakaza phansi kwamandla, umfutho kaMoya oNgcwele. Ngani na? IZwi likaNkulunkulu lalikade libonakalisiwe kubo. UNkulunkulu waligcina iZwi laKhe. Akukho-bugwala-ke, uma iZwi ligxilisa okwehange.

¹⁶⁹ Ngizoma lapha umzuzu nje ukuba ngisho lokhu. Uma owesilisa noma owesifazane, angikhathali ukuthi udokotela usho kangakanani ukuthi, “Ubulawa ngumdlavuza, uchoko,” kumbe noma ngabe kuyini. Uma ungemukela leloZwi, elinguNkulunkulu, into ethize izokwenzeka. Futhi akukho’umntu ozokutshela noma yikuphi okwehlukile. Yazi ukuthi wenzani. Yebo, mnumzane.

¹⁷⁰ Niyakholwa ukuthi uNkulunkulu usemhlabeni waKhe nezulu na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Niyakholwa ukuthi uNkulunkulu useZwini laKhe na? [“Amen.”] Impela, UseZwini laKhe. Manje, uNkulunkulu eseNdodaneni yaKhe.

¹⁷¹ UNkulunkulu esemhlabeni waKhe nezulu. UNkulunkulu eseZwini laKhe. Ubona uNkulunkulu esemhlabeni waKhe nezulu.

¹⁷² Ubona uNkulunkulu eseZwini laKhe, ngoba UyiZwi. *Lowo* nguNkulunkulu ekokubhaliwe. Lelo yiZwi libekwe kokubhaliwe, kodwa Lisemoyeni futhi, uma ungaLemukela. O, he!

¹⁷³ Njengalowo wesifazane omncane, wathinta umphetho wengubo yaKhe, wakwemukela. Niyabo? Akunandaba ukuthi kwakuyini, wayazi enhliziyweni yakhe, uma engahle aMthinte, ujosinda.

¹⁷⁴ Futhi manje qaphelani, uNkulunkulu eseNdodaneni yaKhe. O! UJohane 14:8, uJesu wathi, “Mina noBaba siMunye. UBaba uhlala kiMi. AkusiMi owenza imisebenzi. NguBaba waMi ohlala kiMi; Wenza umsebenzi. Ngiqinisisile, ngiqinisisile Ngithi kini, iNdodana ingenze lutho ngokwaYo.” UJohane oNgcwele, isahluko se 5 nevesi le 19, “INdodana ingenze lutho ngokwaYo, kodwa lokho Ebona uYise ekwenza.” Niyabo? “UNKulunkulu wayekuKristu, enza ukuba izwe libuyisane naYe.”

¹⁷⁵ Manje, abantu abaningi uxova bonke ubuthathu, uma uyocabanga ngabo. Abanye bakwenza abantu abathathu abehlukene ngamunye, nabanye babenza okukodwa, futhi banephutha bobabili. Qaphelani, akusibo oNkulunkulu abathathu.

¹⁷⁶ Ngukubonakaliswa okuthathu kukaNkulunkulu ofanayo. Niyabo? Yizingxenyе ezintathu esingahlukaniseki. UNkulunkulu, uYise, owayesehlane, ngesimo seNsika yoMlilo; kwase kuthi-ke lowoNkulunkulu ofanayo Wazizwakalisa eNdodaneni yaKhe, okwabe kunguNkulunkulu ofanayo eNdodaneni yaKhe; futhi manje lowoNkulunkulu ofanayo manje Uzizwakalisa kuwe nami, njengoMoya oNgcwele. UNkulunkulu ofanayo, sonke isikhathi, hhayi oNkulunkulu abathathu; ukubonakaliswa okuthathu kukaNkulunkulu ofanayo, izingxenyе ezintathu ezingehlukaniseki zikaYise. Yilokho Ayeyikho. Wakuveza obala, njengeNdodana. Yilokho Ayeyikho. Futhi manje njengoMoya oNgcwele ekubantu baKhe.

¹⁷⁷ UNkulunkulu, ezechlisa; angethintwe, ngenxa yesono. Kwase kuthi-ke, uNkulunkulu qobo lwaKhe wenziwa waboniswa kuMuntu, ngoba umuntu wenziwa ngomfanekiso kaNkulunkulu. NoNkulunkulu wenziwa ngomfanekiso womuntu, ukuze ewe ubuhlangu, ukuze Akwazi ukususa isono. Futhi manje-ke...

¹⁷⁸ Futhi manje Ukithi. “Kuseyisikhashana, izwe lingabe lisaNgibona, nokho Ngiyakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni komnyaka.” UNkulunkulu ekithi. Niyabo?

Manje, manje kubukeka kanje, ukuthi noma ubani ubengabona.

¹⁷⁹ Izikhathi eziningi, abantu bathi uJesu wayeyiJuda. Abanye babo bathi UngoweZizwe uhhafu, iJuda uhhafu. Wayengesuye nowokukodwa. WayenguNkulunkulu. Yilowo AyenguYe.

¹⁸⁰ Manje khumbulani, uma ingane izalwa, noma yikuphi ukuphila kuvela ebulilini besilisa. Imbewana yokuphila ivela embaleni obomvu ezinhlayiyeni zegazi, igazi. Negazi liyi... Ukuphila kusegazini. IBhayibheli lasho njalo. Manje i... njenge—nge—nge...

¹⁸¹ Yintwasahlobo. Futhi manje zonke izinyoni zenza izidleke, futhi zithola isidleke sigewe amaqanda. Manje, umama nyoni omdala angaphuma lapha futhi enze isidleke sakhe sibe sihle kakhulu, futhi asihlobise konke kwenyuke ngazo zonke izinhlobo zamaqubu. Futhi angazalela isidleke sigcwale amaqanda, bese ehlala phezu kwalawomaqanda ngokukhulu ukwethembeka. Kuze kuthi, a—awaphendule, nsuku zonke, kunjalo impela. Futhi angawafukamela, futhi—futhi awagcine efudumele, ngangokuthi angaze anga...Uyozibulalisa ngendlala. Uyoba buthakathaka kakhulu angakwazi ngisho nokusuka esidlekeni, ukuba ayozitholela okuthize angakudla. Angethembeka kakhulu kulawomaqanda, ezinganeni zakhe ezayo! Kodwa uma leyonyoni yesikazi ingabanga sekuxhumaneni nenyononi yeduna, awasoze achanyuselwa. Ifanele ibe sekuxhumaneni neduna.

¹⁸² Kungikhumbuza ngamabandla namhlanje. Ngezinye izikhathi singakha ibandla elihle kakhulu kunawo onke, esinawo kanjalo, futhi sibe nenqwaba yabadikoni ababedlula bonke nayo yonke into enjalo; nenhlangano enkulu yebandla, imeya yedolobha, nawo wonke umuntu eza kulo, futhi eqhosha ngalo. Kodwa uma bengakabi sekuxhumaneni nokuZalwa okusha, neNdoda, uKristu, unesidleke esigewe amaqanda abolile. Ayolala lapho futhi abole, onke.

¹⁸³ Esikudingayo namuhla ngukuhlanzwa kwesidleke okuhle okuyifeshini endala, kusukela le kumaPresbyterian, amaBaptisti, kwehle njalo, iPhentekoste nawo onke. Uzofanele ube sekuxhumaneni noJesu Kristu, ukuPhilia. NguYe. Isikhukhukazi singazalela iqanda, kodwa asizukuchamsela ngaphandle uma sibe nenyononi yeduna.

¹⁸⁴ NoNkulunkulu uSomandla, uNkulunkulu uYise, wasibekela intombi uMariya, wayesedala esizalweni sakhe ingqamuzana leGazi elazala iNdodana kaNkulunkulu ngaphandle kwesifiso socansi. NaleloGazi lachithwa eKalvari. Haleluya! Lelo yiGazi engethembele kulo, kulobibusuku, lapho kungekho lutho. "Awukho omunye umthombo engiwaziyo, lutho kodwa iGazi likaJesu" Ngakho-ke, iGazi likaNkulunkulu liyasisindisa. IGazi likaNkulunkulu liletha uJesu Kristu phakathi kwethu. IGazi likaNkulunkulu liletha uMoya oNgewe. Hhayi igazi leJuda noma oweZizwe; kodwa iGazi likaNkulunkulu

uQobo elinokudala. UJesu, uMuntu, wayeyiNdodana yaKhe Ayidala qobo lwaKhe, noNkulunkulu wazitabernakela kulelotabernakele. NoNkulunkulu . . .

¹⁸⁵ Umthetho ngaphandle kwenhlawulo awusiwo umthetho. Uma uthi kuphambene nomthetho ukwedlula ilambu elibomvu, futhi kungekho-nhlawulo kukho, khona-ke awusiwo umthetho.

¹⁸⁶ Nomthetho kaNkulunkulu unenhlawulo. "Mhla niwudla, ngalowomhla niyafa." Futhi nxa umuntu ewudla, akukho . . .

¹⁸⁷ UNkulunkulu wayengenakuthumela omuny'umuntu ukuba athathe indawo. Kwakuyoba ngokungalungile futhi. Ukuba mina ngifele *lomfowethu* ngokwensiwe *yilo* mflowethu, bekungaba yiphutha. UNkulunkulu wadingeka afike, qobo lwaKhe. Nokuyiyona-ndlela kuphela Ayengakwenza ngayo, kwakungukuba afike enyameni yaKhe uQobo, okwabe kungumzimba waKhe uQobo onokudala Awenzayo, qobo lwaKhe, ukuze Ezwe ubuhlungu bokufa. Amen.

¹⁸⁸ Nanto iVangeli emandleni. Lowo nguNkulunkulu ebonakaliswa enyameni, uEmanuweli, ukususa izono zezwe. NakuleloGazi siyethembela; hhayi eJudeni noma oweZizwe; kodwa eGazini likaNkulunkulu, owabe enguJesu Kristu. Yingalesosizathu Athi, "Mina noBaba waMi siMunye. UBaba waMi uhlala kiMi." KwakunguBaba ekuYe.

¹⁸⁹ Owesifazane wathi, "Wakhuleka kubani, ensimini yaseGetsemane," emhlanganweni wasemgwaqeni ngesinye isikhathi.

¹⁹⁰ Ngathi, "Kukhona engifuna ukukuba za khona. Ufakaze ukuthi ubunoMoya oNgewe. Ukuphi na? Ukhuleka kukuphi na?" Ungaphakathi kuwe, kusobala.

¹⁹¹ Awu, sinoMoya ngesilinganiso. Wayena Wo ngokungenasilinganiso. Singamadodana namadodakazi kaNkulunkulu, ngesilinganiso. Njengokukha isipunu esigcwеле samanzi olwandlekazi, futhi Yena uyilo lonke ulwandlekazi, kodwa izithako amakhemikhali afanayo esipunwini akulo lonke ulwandlekazi. Ngubungako, kodwa ngubulona obufanayo. Ngakho-ke, "UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade," uNkulunkulu ukithi. Yebo. Qaphelani.

UNkulunkulu esemhlabeni waKhe nezulu. UNkulunkulu eseZwini laKhe. UNkulunkulu eseNdodaneni yaKhe.

¹⁹² Manje, ngalolusuku lapho abashumayeli bevangeli lenhlaliswano, abazalwane, bazama ukuMenza oluny'uhlobo lokuba ngumprofethi nje, noma—noma esinye isazzi esikahle sokwazi ukudabuka kwezinto zonke, noma into efana naley. Kuphakathi kokuthi wayenguNkulunkulu noma umkhohlisi omkhulu kunabo bonke izwe elake laba naye. WayenguNkulunkulu; engasilele ngalutho, engengaphezu ngalutho.

¹⁹³ Owesifazane engowenkoloze ethize engakholelwa ekuzalweni kwangempela yintombi kukaJesu, akakwemukeli. Bakholwa nje ukuthi amandla okusebenza kwengqondo. Futhi ufikela ukuzongizwa ngishumayela kaningi impela. Ngobunye ubusuku wahlangana nami ngiphuma. Wathi, “Mfowethu Branham, ngiyathanda ukukuzwa ukhulum.”

Ngathi, “Ngiyabonga.”

Wathi, “Ngithola iphutha elilodwa kuphela kuwe.”

¹⁹⁴ Ngathi, “Awu, ayibongwe iNkosi. Ngithembra ukuthi iNkosi ithola lelo nje, elilodwa kuphela.” Ngase ngithi, “Hhe! Amaphutha amanangi njengoba nginawo, futhi wena uthola elilodwa kuphela lawo na?” Ngathi, “Ngiyabonga, kakhulu impela.” Ngathi, “Ngingabuza ukuthi lelophutha liyini na?”

Lathi, “Yebo. Uqhosha kakhulu ngoJesu.”

¹⁹⁵ Ngathi, “Ngingena ngempela, uma lelo kuyiloni kuphela iphutha enginalo, uma ngiqhosha ngaYe,” ngasho.

Wathi, “Uqhosha ngaYe kakhulu.”

Ngathi, “Usho kanjani, ukuthi ngiqhosha ngaYe na?”

Wathi, “Awu, uMenza onobuNkulunkulu.”

Ngathi, “WayengonobuNkulunkulu.”

¹⁹⁶ “O,” wathi, “Mnu. Branham, unephutha, lapho.” Wathi, “WayenguMuntu olungileyo.”

Ngathi, “Wayengaphezu kokuba nguMuntu olungileyo.”

Wathi, “Wayengumprofethi.”

¹⁹⁷ Ngathi, “Ungaphezu komprofethi. WayenguNkulunkulu wabaprofethi.”

¹⁹⁸ Wayesethi, “O, Mnu. Branham!” Wathi, “Uma ngifakazisa kuwe... Uthe wawungosuka phansi esiqwini. Futhi uma, wena, ngifakazisa kuwe, ngeBhayibheli lakho uqobo, ukuthi Wayengesuye onobuNkulunkulu, uzokwemukela na?”

Ngathi, “Uma iBhayibheli lapho njalo, ngiyalikhola iBhayibheli.”

¹⁹⁹ Wathi, “Kulungile, ngizokunika umBhalo wakho uqobo.” Wathi, “UJohane oNgcwele, isahluko 11. iBhayibheli lapho, ukuthi, ‘Ngenkathi uJesu ehlela ethuneni likaLazaru,’ iBhayibheli lathi, ‘Wakhala izinyembezi.’ Futhi Wayengenakukhala izinyembezi futhi abe ngonobuNkulunkulu.”

²⁰⁰ Ngathi, “Ngabe lokho sekungukuphela kwakho na?” Ngathi, “Yilokho kuphela ozokusho na?”

Wathi, “Yebo.”

²⁰¹ Ngathi, “Nenekazi, impikiswano yakho izace ukwedlula isobho elenziwe ngesithunzi senkukhu ebulawe yindlala.” Ngathi, “Ngani, uyazi. Wazi kangcono kunalokho.”

Wayesethi, “Usho uk’tini ngalokho na?”

²⁰² Ngathi, “Ngani, wena, buka lapha. Ake ngikukhombise okuthize.” Ngathi, “WayenguMuntu, kodwa uehluleka ukubona ukuthi Wayengaphezu koMuntu.” Ngathi, “Wayengumuntu ngenkathi Ekhala. Wayengumuntu ngenkathi Ema lapho, namahlombe amancane aqhothile, ngapezulu, ngenkathi, iBhayibheli lathi, ‘Yayingenabuhle ukuba siYifise.’ Wayengumuntu emi lapho kanjalo, ekhala izinyembezi. Kodwa ngenkathi Enyusa lelohlombe elincane, wabheka phezulu ngaseZulwini, Wathi, ‘Lazaru, phuma,’ nomuntu okwase kube yizinsuku ezine efile wama ngezinyawo zakhe wabuye waphila futhi, lowo wayengaphezu koMuntu. Umuntu angekwenze lokho. Lowo kwakunguNkulunkulu eNdodaneni yaKhe.”

²⁰³ Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Yebo, mnumzane. OkwaKhe...

²⁰⁴ Lowomuntu ofile, ngani, waboliswa. Ngamany’amazwi, wayesebole. Wathi, “Usenuka.” Umphefumulo wakhe wawuluhambo lwezinsuku ezine ndawondawo. Asizukuphikisana nalokho, noma ngabe wawukuphi. Kodwa noma ngabe wawukuphi, ukubola kwamazi uMninizho. Haleluya! Nomphefumulo wamazi uMdali waho nesiThandwa sawo. Nomphefumulo owase umukile emzimbeni obolile, izinsuku ezine, yama ngezinyawo zayo yabuye yaphila futhi. Ngitshele umuntu angakwenza lokho na? Lowo kwakunguNkulunkulu eNdodaneni yaKhe, enza lokho.

²⁰⁵ Ngizovuma ukuthi WayenguMuntu, elambile, ngenkathi Ehla evela eJerusalema ngalobobusuku, equalaza, phezu kwesihlahla, ezama ukuthola into angayidla. WayenguMuntu. Kunjalo. Kodwa ngenkathi Ethatha amabheskidi amahlanu nezinhlanzi ezimbili, futhi wondla izinkulungwane ezinhlanu, babuthe iziqabetho eziyishumi nambili, lowo wayengaphezu koMuntu. Lowo wayenguNkulunkulu, uMdali, emi lapho. Wayekwazi ukuphendula amanzi abe yiwayini. Wayekwazi ukuthatha amabheskidi futhi andise ukudla, nezinhlanzi. UNkulunkulu wayeseNdodaneni yaKhe, ngoqobo. Yebo.

²⁰⁶ WayenguMuntu ngenkathi Elele kulesosikebhe esidadlana ngalobobusuku, futhi sona sibakuza siya phansi-phezulu. Ekhathele kakhulu ngokubona imibono, namandla ephuma, futhi eshumayela iVangeli, ephilisa abagulayo, futhi egxekwa yiwo wonk’umuntu, Waya emuva kwingemuva lomkhumbi wayesecambalala phansi. Lowo kwakunguMuntu ecambalele emuva lapho, elele. Ngalesosikhathi, amademoni ayizinkulungwane eziyishumi asolwandle afunga ukuthi ayezoMminzisa ngalobobusuku. Wayelapho, ekhathele ngangokuthi Wayengakwazi nokunyakaza. Ngisho namagagasi awakwazanga ngisho nokuMvusa. Isikebhe esincane, njengesivimbo sebhodlela esincane olwandle oluthukuthele,

noma kunjalo awaMvusanga. WayenguMuntu. Wayozela. Wayekhathele. Wayekhandlekile.

²⁰⁷ Kodwa ngenkathi eseke wavuka ebuthongweni, waphuma wayesebuka phezu kwabafundi baKhe, wathi, “O, nina bokukholwa okuncane,” wabeka unyawo lwaKhe phezu kwentambo yokudonsa useyili isikebhe. Wabuka phezulu, wathi, “Thulani, nithi du.” Nemimoya namagagasi kwaMlalela. Lowo wayengaphezu koMuntu ekhuluma kusuka lapho. Lowo kwakunguNkulunkulu ekhuluma eseNdodaneni yaKhe. Yebo, mnumzane. UNkulunkulu wayeseNdodaneni yaKhe. Ngikholwa ukuthi WayengonobuNkulunkulu. Lokho kuqinisile.

²⁰⁸ Wafa esiphambanweni, ekhalela isihawu. Wafa, ebiza amanzi okuphuza. Wafa, ebiza isihawu. WayenguMuntu ngenkathi Efa.

²⁰⁹ Kodwa ngalolosuku lwesthathu, ngenkathi lesosiprofetho sigcwaisika, “Angiyikushiya umphefumulo waKhe ehayidese; Angiyikuvuma ONgcwele wami abone ukubola.” Bonke odeveli ehayidese...Uphuma nezihluthulelo zokufa, ihayidese, nethuna. Wavuka wayeseniyukela Phezulu, futhi upha abantu izipho. Lokho kwakungaphezulu!

²¹⁰ Wonk’umuntu oke wafinyelela egqumeni likabhontshisi wayekukholwa lokho, futhi; izimbongi, nabaqambi, na—nabo bonke abaprofethi umnyaka wonke. Sasingaba nengoxisiswano nabanye babo.

²¹¹ Ukuba-ke bengingabiza uEddie Perronet lapha kulobibusuku, esuka enkundleni na? Ubengewathengise amaculo akhe. Akukho-muntu obengawathenga. Ngoluny’usuku uMoya oNgcwele watheleka kuye, wayesedumela ipeni, lakhe, futhi wabhala.

Bayede mandla eGama likaJesu,
IziNgelosi maziwe zilale phansi;
Zilethe umqhele wobukhosie,
ZiMthwese umqhele iNkosi yakho konke.

²¹² Yebo, mnumzane. UyiNkosi yakho konke. Wayekholwa ukuthi uNkulunkulu wayekuhleYe.

O, uma ngizwa enye ithi:

Uma ngihlola isiphambano esimangalisayo
Lapho iNkosana yeNkazimulo yafela khona,
Ngithi lonke udumo lwami lungukulahleka.

Enye yabhala:

Ephila, Wangithanda; efa, Wangisindisa;
Embelwa, Wathwala izono zami zaya kude le;
Evuka, Walungisisa ngokukhululeka phakade;
Ngoluny’usuku Uyeza, O usuku olukhazimula kanje!

²¹³ Ukuba bengingabiza uFanny Crosby kulobubusuku, ngithi, “Ucabangani ngaYe na? Ngabe Wayengumprofethi, noma Wayeyini na?” Ubeyosho lokhu:

Mawungangedluli, O Msindisi wami
onobubele,
Yizwa ukukhala kwami kokuzithoba;
Lapho Ubabiza abanye,
Mawungangedluli.

Wena ungumfulana wayo yonke induduzo
yami,
Udlula ukuphila kimi,
Ubani enginaye emhlabeni ngaphandle
kwaKho?
Noma nginobani eZulwini ngaphandle
kwaKho?

²¹⁴ Akadunyiswe uNkulunkulu! UNkulunkulu
wayeseNdodaneni yaKhe, enza ukuba izwe libuyisane naYe.

²¹⁵ UNkulunkulu esemhlabeni waKhe nezulu! UNkulunkulu
eseZwini laKhe! UNkulunkulu eseNdodaneni yaKhe! Yebo,
mnumzane. Manje, uNkulunkulu ekubantu baKhe!

²¹⁶ Niyakholwa ukuthi uNkulunkulu wayesemhlabeni waKhe
nezulu na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] UNkulunkulu
useZwini laKhe na? [“Amen.”] UNkulunkulu wayeseNdodaneni
yaKhe na? [“Amen.”] Manje kuthiwani-ke ngoNkulunkulu
ekubantu baKhe na? [“Amen.”] Amen. O!

²¹⁷ “Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona,” kwasho
uJesu. “Nokho niyakuNgibona nina; ngokuba Ngiyakuba
nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni, ekupheleliswemi
kwesikhathi. Ngiyakuba kini, onguyenya izolo, namuhla,
naphakade.” Yebo, mnumzane. Hlobo luni lwabantu esifanele
ukuba yilo na?

²¹⁸ Kungikhumbuza ngendaba. Lapha kungekudala,
ezansi eNingizimu, sasivame ukuthenga izigqila, abantu
abangamakhaladi. AmaBhunu ayebaletha nganeno futhi
abathengise; iDashi. Futhi babethengiswa eMelika lapha
babeyizigqila. Akulungile.

²¹⁹ Kwakungakaze kuhloselwe abantu babuse phezu
komunye. SinoNkulunkulu oyedwa. Ibalu lesikhumba somuntu
alihangene ngalutho nompheyfumulo wakhe. Sonke sivila
egazini elilodwa. Umuntu ophuzi anganika omnyama
ukuthekela ngegazi, futhi kanjalo nomuntu omnyama
angakunika, umlungu. Si...Nkulunkulu, ngomuntu oyedwa,
wenza zonke izizwe, yebo, mnumzane, ngomuntu oyedwa.
Kodwa njalo ba...UNkulunkulu wenza umuntu; umuntu wenza
izigqila. Akukaze kube kuhle, ekuqaleni.

²²⁰ Babevame ukufika ngapha futhi babathengise, njengendawo yezimoto ezingamasekeni. Banalamakhaya ayifeshini endala nasemaplazini, futhi bafika lapho ukuzothenga lezizigqila. Abathengi babefika, abathenga bathengisele abanye, ukuzobalande. Ngoluny'usuku othenga athengisele abanye uyafika eplazini elithile. Wathi, "Awu, unezigqila ezingaki?"

Wathi, "Cishe amakhulu amathathu."

Wathi, "Ngithanda ukuzibuka." Waphuma.

²²¹ Futhi zazidabukile. Zazikude nekhaya lazo. Zazingazi neze—neze ukuthi zenze kanjani... Ziyazi ukuthi azisophinde zibuyele ekhaya futhi. Azimboni neze ubabayi. Azimboni neze umama. Omama babengasoze bababona abantwana. Kwakuyinto edabukisayo. Futhi babebabhabaxabula ngeziswebhu, ukubenza basebenze; bezama ukubaqhuba, ukubenza basebenze.

²²² Kodwa, baqaphela umfo oyedwa osemncane phezu kwalapho, babengadingeki ukuba bambhaxabule. Ikhanda lakhe lithe mpo, isilevu sakhe sibheke phezulu; ehambahamba, ngaso sonke isikhathi, ekahle nje ngakho konke.

Lowo othenga athengisele abanye wathi, "Ngifuna ukuthenga lesiya sigqila."

Umnikazi wathi, "Kodwa asithengisi."

²²³ Wathi, "Yini umehluko waleyondoda na?" Wathi, "Ngabe ingubasi phezu kwabo bonke na?"

Wathi, "Qhabo." Wathi, "Iyisigqila."

²²⁴ Wathi, "Mhlawumbe usiphakela ngokwehlukile kunoma wenza kunomunye."

Wathi, "Qhabo. Sidla emkhunjini, njengazo zonke ezinye izigqila."

²²⁵ Wathi, "Yini esenza sehluke kakhulu kangaka kunezinye izigqila na?"

²²⁶ Wathi, "Ngamangala, nami, ngaze ngathola. Phesheya ekhaya lendabuko eAfrika lapho bevela khona, uyise uyinkosi yesizwe. Futhi nakuba engowezizwe, nokho uyazi ukuthi uyindodana yenkosi." Leso yisimilo sakhe. Wayefuna ukuziphathisa okukayise.

²²⁷ O, kuyihlazo kanjani namhlanje, ukuthi abesilisa nabesifazane abazisho ukuthi bangamadodana namadodakazi kaNkulunkulu, benemvelo kaNkulunkulu kubo; abefundisi epulpiti, bezisho ukuthi bangamadodana kaNkulunkulu; futhi baphike ukuthi kakhona ukuphilisa ngokukaNkulunkulu, bephika ukuthi kunokusebenza kukaMoya oNgcwele. Amahloni anje pho kodadewethu abazisho ukuthi bangabangcwеле bakaNkulunkulu, begunda izinwele zabo, futhi bekhumula izingubo zabo, futhi beziphatha ngendlela abenza ngayo! Kungamahloni anjani emabandleni ethu, evumela amadoda

aganwe kibili noma kathathu, ukuba abe ngabadikoni ebhodini nezinto! Kuyihlazo elinje pho!

²²⁸ Besifanele sikuqonde lokho, nakuba singabezizwe kulelizwe, singamadodana namadodakazi eNkosi yaseZulwini. Nathi, isimilo sethu phakathi kwethu, sifanele sifane noJesu Kristu, ukuthi (Yena) sibonise esaKhe, ngoBuyena baKhe. UNkulunkulu ukubantu baKhe. Yebo. Ngiyakukholwa lokho ngayo yonke inhliziyo yami.

²²⁹ UJohane 14:12 wathi, uJesu wathi, “Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza, izibonakaliso ngokwenza ezifanayo.” Bukani ukuthi besitholani ngaleliviki, ukuthi Uzibonakalisa kanjani Yena uqobo ukuthi unguMesiya, isipho esasikuYe. Wayekwazi ukwahlulela inhliziyo yakho, ahlulele imicabango yabo, abatshela ukuthi kwakuyini.

²³⁰ Owesifazane omncane wacindezela wedlula esixukwini ngesiny’isikhathi, wathinta umphetho wengubo yaKhe. Wathi, “Uma ngifanele ngiMThinte!” Wagijima wasuka esixukwini, wayesesukuma, wahlala phansi, noma ngabe kwakuyini.

²³¹ Nawo wonk’umuntu nezingalo zabo ziMgaxile, “Halo, Rabi, mProfethi osemncane! Usaphila?”

²³² Nabanye babo bethi, “Heyi, ngiyezwa kuthiya Ungabavusa abafileyo! Sinamangcwaba agcwele bona.” Abagxeki, ubathola nje ndawo zonke.

²³³ Futhi nango Wayelapho, ecindezela edlula. Emva kwesikhashana Wama. Wathi, “Ubani oNgithintile na?”

²³⁴ Ngenkathi, uPetru ngahle ukuba washo lamazwi, “Nkosi, bazocabanga ukuthi kukhona okungalungile ngokomqondo. Awubheke izingalo nezandla eziKuthintayo ezivela ndawo zonke, usuthi-ke, ‘Ubani oNgithintile na?’” WaMkuza ngakho.

²³⁵ UJesu wathi, “Kodwa Ngizwe uhlobo olwehlukile lokuthinta, ukuthinta kwangempela.”

²³⁶ Abanigi kakhulu bethu kulobubusuku banokuvuma, abanigi kakhulu bethu benza izinto ezechlukile, kodwa nokho kukhona ukuthinta, kukhona into ethize ebiza ukunaka kuNkulunkulu. NoNkulunkulu uzibonisa Yena uqobo kumntwana waKhe. Umsebenzi Awenzayo, sifanele ukwenza okufanayo.

²³⁷ Lapho owesifazane omncane wahlala phansi. UJesu waqalaza waze Wamthola. Wamtshela ngomopho wakhe, futhi wathi ukukholwa kwakhe kwakumsindisile.

²³⁸ O, siMbona ngenkathi owesifazane omncane, emthonjeni, eza ukuzokha ibhakede lamanzi. Futhi wayomile, futhi waqala ukwehlisa i—ibhakede emthonjeni, ngenkathi ezwa iJuda eliselincane lithi, “Ngiphzise.”

²³⁹ Wabuka laphaya wayesethi, “Akusilo isiko. Sinokwehlukana lapha. Ubungafanele ucele kimi, owesifazane.”

²⁴⁰ Wathi, “Kodwa uma bewazi ukuthi Ubani obukhuluma kuye, ubuyocela kiMi amanzi.” Wayeseqhubeka-ke nengxoxo waze Wathola ukuthi yayiyini inkathazo yakhe. Wathi, “Hamba ulande indoda yakho uze lapha.”

Wathi, “Anginandoda.”

²⁴¹ Wathi, “Ukhulume iqiniso. Ubunayisihlanu, nale ohlala nayo manje ayisiyo indoda yakho. Ukhulume iqiniso.”

²⁴² Wathi, “Mnumzane, ngiyabona ungumprofethi Wena. Futhi siyazi ukuthi nxu uMesiya efika, yiyo lento impela Ayoyenza.”

²⁴³ Wathi, “NginguYe okhuluma kuwe.” O, he! Wayenzani na? Ebonisa uNkulunkulu.

²⁴⁴ Yini iBandla elifanele liyenze na? Libonise into efanayo Ayenzayo. Impela. O, libonise, uNkulunkulu ekubantu baKhe!

²⁴⁵ Ngiyakhumbula, eBhayibhelini, ngenkathi umprofethi omdala, egcwaliswe kakhulu ngoMoya oNgcwele, kwaze kwathi owesifazane waseShunemi waba nengane. Futhi yafa, nomprofethi akazange, akangezwu okuvela kuNkulunkulu, ndawo. Kodwa wehla-enyuka nephansi lendlu, eya emuva naphambili, waze wathi uMoya kaNkulunkulu wehlela kuye. Wazelulela yena uqobo phezu kwaleyongane encane efileyo, futhi yathimula kasikhombisa, yase iphilu. Kwakuyini na? Lowomprofethi na? Qhabo, mnumzane. UNkulunkulu ekubantu baKhe. Kunjalo. KwakunguNkulunkulu ekubantu baKhe. Impela. Kunjalo impela.

²⁴⁶ Sithola indoda egama linguPetru oNgcwele, wayengenamfundu eyenele, engenasehlakalo seholiji, engenakhadi lenhlanganyelo elivelu kunoma yiyiphi inhlango. Kodwa wayegewaliswe ngoMoya oNgcwele, uNkulunkulu ekubantu baKhe. Bambonile eprofetha, futhi bakubona kufezeka. Babhekisiza impilo yakhe enkulu. Bakuzwa ukuthonya kwakhe. Umuntu, wakhuluma njengoJesu Kristu. IBhayibheli lasho, ukuthi, “Bababona ukuthi babengazi lutho futhi bengamadoda angafundile, kodwa bazi ukuthi babekade benoJesu.” Niyabo? Niyabo? Kubonisa Yena uqobo kuwe. Futhi bathola ukuthi, labobantu bakukholwa kakhulu kangako, ngangokuthi, uNkulunkulu ufika phezu kwalabobantu, baze balala ngisho nasesithunzini salowomdobi ongazi lutho. Futhi njengabaningi impela ababelele lapho, benokukholwa, bekholwa, baphiliswa. Hhayi isithunzi salowomdobi, kodwa uNkulunkulu ekubantu baKhe, uNkulunkulu esebenza ngabantu baKhe. Impela.

²⁴⁷ Bambonile uPawulu ema lapho futhi enza iziprofetho. Futhi zonke zenzeka nje ncamashi; zisho izinto ngaphambili, futhi benza zonke izinto uJesu Kristu azenza ngenkathi Elapha

emhlabeni. Babonile ukuthi wayenoKristu. Bayazi ukuthi uKristu wayenaye, kwaze kwathi ngisho bamcela ukuba athathe amaduku nezindwangu emzimbeni wakhe, futhi bakubeka phezu kwabagulayo nabahluphekile, nemimoya emibi yaphuma kubantu. Izifo saphiliswa. Kuyini na? UNkulunkulu ekubantu baKhe.

²⁴⁸ O, esikudingayo kulobubusuku! Bukani izolo ebusuku. Bengilalele iteyipu. Owesifazane omncane wehla evela, ngikholwa ukuthi, eOregon, noma ndawondawo. Wayengowesifazane ohluphekayo. Wayechithe imali yakhe ukuba eze lapha. Wayenomyeni ongasindisiwe nabantwana. Wayegula futhi ehluphekile, uza emsam0. Omunye khona laphaya wacabanga enye into ehlukile, ukuthi ngangikuqagela okushiwoyo okungalungile ngaye.

²⁴⁹ Manje-ke uMoya oNgcwele wahlehra wase umtshela ukuthi wayengubani, ukuthi wayengubani igama lakhe, nonina wametha igama. Wamtshela ukuthi ngenkathi eseyingane encane, ukuthi ubani igama lakhe, anikwa lona. Wamtshela ukuthi wayesengubani isibongo sakhe sasemshadweni manje. Wamtshela ukuthi wayekade ekuphi, akwenzile, ukuthi uvelaphi, ukuthi wayenzani, ukuthi sifo sini ayenaso. Futhi wathi wayenomyeni oyisoni, na—abantwana abayizoni, futhi wayephethwe olunye uhlobo oluthize lwesifo. Angazi manje. Lalelani iteyipu nje.

²⁵⁰ Kwase kuthi-ke uMoya oNgewelete ufika ngapha no ISHO KANJE INKOSI. “Ngikunika umyeni wakho. Ngikunika abantwana bakho. Ngiyakuphilisa.” Futhi namhlanje uyaphila. Umyeni wakhe ube ngowokuqala ealtare, izolo ebusuku, nabantwana bakhe basindisiwe.

²⁵¹ Kuyini na? Yena owazi inkathi edlule, inkathi yamanje, inkathi ezayo. Kuyini na? UNkulunkulu ekubantu baKhe. Amen. Kunjalo. Nguyenia izolo, namuhla, naphakade. Wethembisa lezizinto ngezinsuku zokugcina.

²⁵² Ngilapha, sengenze, imizuzu eyishumi lishaye eleshumi. Ngiyaxolisa, ngilokhu ngikhuluma nje. Ngineminye futhi imiBhalo engamashumi amathathu ibekwe lapha. O, o! Ngizoyongela ikusasa ebusuku.

²⁵³ UNkulunkulu ekubantu baKhe. Niyakholwa ukuthi uNkulunkulu usemhlabeni waKhe nezulu na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Niyakholwa ukuthi uNkulunkulu useZwini laKhe na? [“Amen.”] UNkulunkulu useNdodaneni yaKhe na? [“Amen.”] UNkulunkulu ekubantu baKhe na? [“Amen.”] Anijabuli yini ukwazi ukuthi uNkulunkulu usemhlabeni nezulu, uNkulunkulu useNdodaneni yaKhe, uNkulunkulu ukubantu na? [“Amen.”] UNkulunkulu usenguye uNkulunkulu. Nguyenia izolo, namuhla, naphakade. Alibusiswe iGama leNkosi! Ngicianitshela.

Asikhuleke. Asikhothamise amakhanda ethu.

²⁵⁴ Baba wethu waseZulwini, siyaKukholwa ukuthi unguNkulunkulu. Siyazi ukuthi Useduze. SiyaKubona emuva ngaleya ngaphambi kokuba izwe lize liqale. SiyaKubona welula izandla zaKho, futhi wenza izwe. Izwe libunjwe ndawonye ngeZwi likaNkulunkulu. Lona impela uthuli esihlezi kulo kulobibusuku luyiZwi likaNkulunkulu libonakalisiwe. Uma lingesilo, Iwavelaphi na? Wakhulumo, futhi kwaba njalo. Usenguye uNkulunkulu, kulobibusuku. O Nkulunkulu, masi—masibone umbono wakho. Masibambe incazo yangempela yeZwi laKho eliligugu. Siphe khona, Baba. Sibusise kulobibusuku.

²⁵⁵ Ngikhulekela ukuthi Uzosipha kulobibusuku, ukuthi Uzokhombisa ukuthi Ukubantu baKho. Manje, bangaKubona emhlabeni nezulu. BangaKubona ezindaweni ezechlukene, Nkosi. Manje asi—asiKubone ubonakala, Baba wethu waseZulwini, uma kusipha kakhulu umusa. Ngiyakhuleka ukuthi Uzobona, Nkosi, ukuthi asikuqondile ukuthi sizodingeka sibone lezizinto, kodwa ukuba iZwi laKho ligcwaliseke. Wawungadingi ukuphilsa abantu, ukufakazisa ukuthi WawuyiNdodana kaNkulunkulu. Wakwenza ngoba Wathi kwakungukuba iZwi ligcwaliseke. Futhi kulobibusuku, Awenzi lezizinto ngoba nje Ucabanga ukuthi Ubufanele uzenze. Uzenza ngoba Uthembisile ukuzenza. U—ubophezeleke eZwini, Nkosi, futhi ngempela ULenza njalo libe ngeliqinisile.

²⁵⁶ Nanka amaduku abekwe lapha, Nkosi, abantu abagulayo. Phandle le ezwensi lonke, kunabancane, abantwana abagulayo, omama. Uwabhekisisile lamaduku. Mina ngibeka izandla zami phezu kwavo, Baba. Ngiyazi angisuye uPawulu oNgcwele, kodwa Usalokhu unguJesu.

²⁵⁷ Futhi kwake kwashiwo ngesinye isikhathi, eBhayibhelini, ukuthi iqembu labantu, elithiya abakwaIsrayeli, babelalela umyalo waKho. Babehamba kahle emgwaqeni womsebenzi. Futhi bemi emgqeni womsebenzi, uLwandle oluBomvu lwangena endleleni yabo. Lwabanquma. Impi kaFaro yayisondela. Izintaba nezingwadule kwakungapha nangapha. Kubonakala sengathi uNkulunkulu Akazishiyelanga ndawo yokuhlehla, kodwa kwakunento ethize endleleni. Wabathembisa ukuthi Uyobayisa ezwensi elisha. ULwandle oluBomvu lwangena endleleni. Omunye umbhali washo, ukuthi, “UNkulunkulu wabuka phansi ngaleyoNsika yoMlilo, ngamehlo athukuthele.” Wathi, “Ngenkathi Enza, uLwandle oluBomvu lwersaba, futhi lwahlehla, noIsrayeli waqhubeka ohambwени.”

²⁵⁸ O Nkulunkulu waseZulwini, Usenguye uJehova kulobibusuku. Awubuki kuphela ngeNsika yoMlilo, kodwa ubuka phansi ngeGazi leNdodana yaKho uQobo kulobibusuku. Nokugula kume endleleni yalababantu abagulayo lapha, lamaduku abamele. Jehova Nkulunkulu omkhulu, uma

lamaduku ebekwa phezu kwabagulayo, kwangathi lelodemoni lingesaba, lihlele. Nkulunkulu, bayise kulesosithembiso, “NgiyiNkosi ephilisa zonke izifo zenu.” Siphe khona, Baba. EGameni leNdodana yaKho, uJesu Kristu, siyakucela.

²⁵⁹ Futhi manje, Nkosi, busisa abalindile ezethamelini. Ngikhuleka eGameni likaJesu. Amen.

²⁶⁰ Manje, ngikhulwa ukuthi sithe ukuba leyithi kancane nje. Kade sibiza amakhadi omkhuleko ubusuku ngabunye, phezulu ealtare. Ngikhulwa ukuthi sizobiza nje labo ongenawo amakhadi omkhuleko kulobubusuku, ngakho nizobona ukuthi ikhadi lomkhuleko alihlangene ngalutho nakho. Bangaki phakathi lapha ogulayo nongenalo ikhadi lomkhuleko na? Phakamisa isandla sakho. Kulungile. Akukho-muntu lapha, engimbonayo, engimaziyo. Ngeke ngabiza umuntu oyedwa, kuphela lababaculi abancane abahlezi lapha ngaphambili.

²⁶¹ Uma ngithe uNkulunkulu usemhlabeni waKhe nezulu, uNkulunkulu ukubantu baKhe. Niyakholwa ukuthi uNkulunkulu ukubantu baKhe na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

²⁶² Manje, ngamunye wenu, bhekani ngapha. Njengoba uPetru noJohane bathi, bedlula esangweni elithiya Lihle, bathi, “Sibheke.” Lokho kusho ukuthi, “Ukunaka. Lalela engizokusho.” Wathi, “Isiliva negolide anginalo. Kodwa enginakho, njengokukholwa; enginakho, ngikupha khona. EGameni likaJesu Kristu, sukuma.” Belula isandla bayibamba, indoda, baqala ukuyiphakamisa, aze aqina amathambo amaqaqala ayo. Yayisisuka ihamba-ke, ithokoza.

²⁶³ Njengoba senivele nazi, angifundile. Angifundile. Ngingezipize ngomshumayeli. Ngiluhlobo oluyithayi eliyisipele. Kodwa uNkulunkulu wangipha isipho, isipho ukubonakalisa uJesu Kristu, ukwenza abantu babone ukuthi Usaphila. Manje, uma...

²⁶⁴ Akafile. Uma Efile, khona-ke inkolo yethu—yethu iyize. Kodwa ngibone amakhulu ezinkolo, njengesithunywa senkolo umhlabu jikelele, ngibhekene nazo zonke izinhlobo zodeveli, izinyanga-bathakathi, nayo yonke into. Kodwa inkolo yethu iqinisile. UNkulunkulu wethu uyaphila. Akafile. Uyaphila. Futhi Wethembisa, “Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza.”

²⁶⁵ Ngiyanitshela, lokho, noma yimuphi umuntu ovume izono zakhe, futhi phansi kweGazi likaJesu Kristu, uyindodana kaNkulunkulu, uma ezalwa nguMoya kaNkulunkulu. Bangamadodana namadodakazi kaNkulunkulu.

²⁶⁶ Manje, ukuba-ke uJesu ubemi lapha kulobubusuku, egqoke lesudu Angipha yona ngomngani wami olungileyo, uCarl Williams na? Ukuba-ke—ukuba-ke Ubemi lapha futhi efake lesudu, futhi uhambe uye kuYe, uthi, “Nkosi Jesu,

Ungangiphilisa na?” Ngani, Ubengeke akwenze. Usevele ukwenzile; ngemivimbo yaKhe siphilisiwe thina. Ubungathi, “Ngithethelele.” Wakwenza lokho eKalvari. Umsebenzi waqedwa, walo lonke icebo lensindiso. Ukuphilisa nakho konke kwaqedwa.

²⁶⁷ IBhayibheli lapho, ukuthi, “Wenyukela Phezulu, uhlezi ngakwesokunene sikaNkulunkulu.” Niyakukholwa lokho na? Ulapho ukunxusela, futhi UngumPristi wethu oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] “UMnxuseli wethu kuphela phakathi kukaNkulunkulu nabantu nguJesu Kristu.” Lokho kungokweBhayibheli. Ungahle ube nabanye bekuzama. Kodwa Munye kuphela uNkulunkulu amzwayo, nalowo nguJesu Kristu. Kunjalo. Qaphelani, njengoba Ehlezi lapho, umPristi oMkhulu, onguyena izolo, namuhla, naphakade.

²⁶⁸ Manje, ukuba Ubehamba lapha kulobubusuku, futhi beninokukholwa ukuba nikholwe ukuthi Ubenganiphilisa, njengalowo wesifazane omncane nje owakholwa ukuthi uNkulunkulu wayeseNdodaneni yaKhe! Manje, niyakholwa ukuthi uNkulunkulu useZwini laKhe. Niyakholwa ukuthi uNkulunkulu ukubantu baKhe.

²⁶⁹ UJesu wavuka kwabafileyo, wabuyela kuMoya oNgcwele, wayesebuya ebuya futhi, ehlala kubantu baKhe, ukwenza imisebenzi efanayo Ayenzayo. Nehora selisondele lalokhu ukuba kugcwaliiseke, ngoba ukuphela kwesimiselo sesikhathi sabeZizwe sesiseduze. Wakwenza ekupheleni kwesabaJuda, ukuphela kwesamaSamariya, futhi manje ekupheleni kwesabeZizwe, njengoba nje Enza ngaleyonkathi. Wethembisa ukukwenza, ngokomBhalo.

Manje, ngamunye wenu phandle lapho, ogulayo nodingayo...

²⁷⁰ NoBaba waseZulwini uyazi ngikhulumia iqiniso. Uma kukhona noma yimuphi umuntu engingambona kulendlu, engimaziyo, ngaso lesisikhathi, ngibheka ngapha, yilababafana abancane abahlezi khona lapha, nentombazane encane, eculile, yiyona kuphela engiyibonayo, engiyaziyo.

²⁷¹ Bangaki kini khona lapho owaziyo ukuthi angazi lutho ngani, niyizihambi na? Phakamisa isandla sakho. Niyabo? Wonk’umuntu. Anginandaba ukuthi nikuphi, ngemuva, noma ngabe kukuphi.

²⁷² Manje, uma uJesu Kristu enguyena izolo, namuhla, naphakade, futhi UngumPristi oMkhulu, futhi siba yisigxobo esimukelayo kuYe. Imisebenzi Ayenzayo, sifanele siyenze nathi. Ngiyazi ningayizwa intshumayelo yesayense ephathelene nokusebenza kwengqondo. Singakhulumia ngokuthi Wayeyini, futhi, ngani, lokho kulungile. Kodwa kuzosebenza na? Singathi Uyafana, kodwa kuzosebenza na? Njengomuntu-mumbe ezama

ukuthengisa into ethize; ibukeka iyinhle, kodwa ake siyibone isebenza.

²⁷³ Manje, inkolo yethu ifanele ibe semnyakazweni. Inkolo yamaKristu ingumnyakazo. InguJesu Kristu uqobo lwaKhe, emnyakazweni, engakwenza.

²⁷⁴ Njengalena nje lapha imayikrofoni, leyomayikrofoni ithule ngokuphelele kuze kakhulumo into ethize kuyo. Bese kuthike yedlulise iphimbo lalokho okukhulumo kuyo. Kodwa, ngesingayo, ithule.

²⁷⁵ Futhi unjalo noma yimuphi owesilisa noma owesifazane. Uthule uma sekufika kulezizinto, kodwa uma usekuxhumaneni, noKristu ukudonse wakujikisa ukuba akusebenzise, awusilo. Akusilo iphimbo lakho. NgelaKhe.

²⁷⁶ Yingalesosizathu ngizothatha noma ubani kokuqoshiwe, emashumini ezinkulungwane eziphindwe kazikhathi eziyizinkulungwane, senake nakubona kuliphutha na? Akusoze kwaba yilo, ngoba nguNkulunkulu.

²⁷⁷ Manje, nifanele nikukholwe. Nifanele nikwemukele. Nifanele nibe nokukholwa, futhi ningakungabazi.

²⁷⁸ Manje, kinina khona lapho ezithamelini, ngifuna nikhothamise amakhanda enu imizuzu embalwa, futhi ngifuna nikhuleke njengoba kwenza lowo wesifazane omncane. “Nkosi, ngiyagula.” Noma, “Nginomngani ogulayo.” Noma, “Ngishisekele, ekudingeni. Nginenkathazo yezasekhaya,” kumbe noma yini kakhulu impela oyidingayo.

²⁷⁹ Thana, “Nkosi Jesu, ngiyazi leyondoda ayingazi. Iyisihambi uqobo kimi. Kodwa, Wena uyangazi. Futhi ngifuna Wena, Baba waseZulwini, ukuba ungisize. Ngifuna Wena ukuba—ukuba ungiphilise. Futhi ngizothinta ingubo yaKho. Ngikude kakhulu kuyo, kungesize ngalutho ukuyithinta, empeleni; iyindoda nje. Kodwa ngizothinta Wena. Futhi isishilo ukuthi siphila ezinsukwini zokugcina, nesibonakaliso sokugcina sishaye ibandla; ngokwemiBhalo, njengoba Ufika kuAbrahama, okhethiwe owabizwa aphume eSodoma. Manje, Baba Nkulunkulu, makube njalo, kulobubusuku. Makube njalo nje, Baba, ukuthi uma... Indoda mayingitshele, ikhulume kimi njengoba Enza kowesifazane owathinta ingubo yaKhe, futhi ngizoKukholwa ngayo yonke inhliziyo yami.”

Manje umnyuziki awuthule ngempela, uma ungakwenza, mnumzane.

²⁸⁰ Manje khulekani. Manje, wonk’umuntu ogulayo, akunganyakazi muntu. Futhi ninga—ninga...

²⁸¹ Omunye usanda kuthatha isithombe nje. Ungabe usasithatha. Uyabo, uMoya oNgcwele ungukuKhanya. NgiyaKubhekisisa.

²⁸² Manje niyabona lapho engimi khona na? Nanti i—iqembu elixhasayo labefundisi emva kwami. Kukhona abantu abalapha enkulungwaneni behlezi phambi kwami. Ngenkathi, ngibone isikhathhi lapho uhhafu wesigidi uhlezi lapho. Angazi noyedwa umuntu.

²⁸³ Futhi nina, kulobubusuku, eningenamakhadi omkhuleko, ngifuna nje nikhuleke futhi nithi, “Nkosi Jesu, lokhu makususwe, yonke inkoloze, kimi. Uthe uNkulunkulu wayekubantu baKhe. Uthe uNkulunkulu wayemthumile ukumemezela uJesu Kristu ngezinsuku zokugcina, eBandleni. Ngiyagula. Futhi uma nje ngingathinta ingubo yaKho, kulobubusuku! Bona, bangitshela ukuthi iBhayibheli liyakhulumha futhi lithi, ‘Wena ungumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu.’ NeBhayibheli lathi, ‘Unguyena izolo, namuhla, naphakade.’ Manje-ke, Uzokwenza namhlanje njengoba Wenze izolo. Nalowo wesifazane waKuthinta, futhi wahlala phansi ezithamelini, futhi Wena waphenduka wase umtshela ukuthi inkathazo yakhe yayiyini, futhi wathi ukukholwa kwakhe kwakumsindisile.”

²⁸⁴ Manje khulekani ngobuqotho, futhi kwangathi iNkosi uNkulunkulu ingapha isicelo, ngumkhuleko wami. Manje hloniphani ngokuzithoba ngempela nje. Khulekani umzuzwana nje. Uma uyisoni, uthi, “Ngithethelele, Nkosi.” Uma ugula, futhi uyisoni, thana, “Ngithethelele, Nkosi.” Uma ungumKristu, unelungelo eMthini wokuPhila.

²⁸⁵ Manje, uma uzwa ukuthi ukhulekile, futhi unento ethize, leyo, manje gcina nje umqondo wakho kuKristu. Ungaphakamisa ikhanda lakho uma ufisa, futhi nje ugcine umqondo wakho ukuKristu, futhi ubhekisise ngapha. Bheka ngapha, ngakimi.

²⁸⁶ Futhi manje kholwa nje ngayo yonke inhliziyo yakho, uthi, “Nkosi Jesu, okungcono kunakho konke engaziyo ukuthi kanjani, ngikhuleke umkhuleko wokukholwa. Futhi anginakhadi lomkhuleko. Angizukubizelwa emgqeni womkhuleko. Noma, uma ebiza umugqa womkhuleko, emva kwesikhashana, angizukuba lapho. Anginakhadi lomkhuleko. Kodwa ngi—nginokukholwa, Nkulunkulu. Ngisize.”

²⁸⁷ Manje kwenze lokho. Futhi manje-ke uma uJesu Kristu ezokwehla futhi asigcobe, ukukholwa kwenu ukuba nikukholwe, amehlo ami ukuba akubone, nezindebe zami ukukhulumha! Futhi uma Enza into efanayo Ayenza izolo ngenkathi Elapha emhlabenhi, futhi wethembisa ukukwenza futhi, manje-ke uNkulunkulu ukubantu baKhe. Khona-ke thanini, “Sikhombise uYihlo, futhi kuzosanel.”

²⁸⁸ Asikhuleke nje. Manje, akusikho ukukholwa kwami. Ngokwenu. Ngilindele Yena nje ukuba akhulume kimi. Uma Engakhulumha, khona-ke ngizobiza umugqa womkhuleko.

Yilokho kuphela engingakwenza. Manje, a—anginasizo ngaphandle kwaKhe. Kodwa ngiqinisekile ukuthi Ulapha. Impela. Uma nje ngingabona umuntu mumbe onokukholwa! Ninga, ningabi navalo. Anitholi lutho neze, ngokuba novalo ngakho. Hloniphani ngokuzithoba nje, phambi kukaNkulunkulu, yethulani izidingo zenu nje.

²⁸⁹ Umzuzu onje pho! Umzuzwana onje pho! Niyabo? UNkulunkulu, iZwi, liyiQiniso, neZwi lizotholakala. Kuphakathi kokuthi ngingufakazi wamanga weZwi, noma, uma ngikhulume iQiniso, uNkulunkulu uzoqiniseka ukuthi leloZwi liyiQiniso. Kunjalo. UNkulunkulu akazukuzihlanganisa ngalutho namanga. Niyakwazi lokho.

²⁹⁰ NaNti. NgiyaKubonga, Nkosi. EGameni likaJesu Kristu, ngithatha bonke omoya abaphakathi lapha, phansi kokulawula kwami, ngenxa yenkaZimulo kaNkulunkulu.

²⁹¹ Kholwani manje, ngenhlonipho yokuzithoba, futhi nikholwe. LeyoNgelosi eniyibona esithombeni, ilapha emsamo. Ingena ezithamelini. Umzuzwana nje. Isuke . . .

²⁹² NaNti. Ningakubona Lokho na? Yinenekazi elincane elihlezi lithe qekelele khona lapha, eceleni ekuphele ni komugqa. Niyakubona lokho kuKhanya, okuphuzi, ngasecele ni ngqo kwenenekazi elincane na? Lizoba ngumama masinya. Lokho akunjalo na? Unalo ikhadi lomkhuleko na? Awunalo. Awulidingi. Kodwa ubukholwa. Uyangikholwa ukuthi ngingumpfethi waKhe, inceku yaKhe na? Uma iNkosi uJesu Kristu izokwembula kimi izinto esenhliziyweni yakho, nokuzele lapha, uzokwemukela na?

²⁹³ Unokwethuka, kusobala, ulungela ukuba ngumama, kodwa inkathazo yakho iseqlolo lakho. Unenkathazo eqolo lakho, futhi ngempela yilokho ocela ukuba uNkulunkulu akuphilise kukho. Lokho akunjalo na? Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Manje, uma lezozinto ziqinisile, osekushiwo kuliqiniso, ngifuna ukuba usukume ukuze abantu bazi ukuthi kuyiqiniso. Ngabe siyizihambi uqobo omunye komunye na? Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Ngabe Akushilo kuyiqiniso na? Uma kunjalo, vayizelisa isandla sakho *kanje*.

²⁹⁴ Manje, kunowesifazane othinte ingubo yaKhe. Ubengethinte mina. Ungamafidi angamashumi amathathu noma amashumi amane ukusuka kimi. Kodwa uthinte ingubo yaKhe. Futhi mbuzeni. Ubekhulekela ukuthi uNkulunkulu uzophilisa iqolo lakhe futhi amuphe ukubeletha leyongane. Kunjalo. Kunjalo na? Futhi ukwenze ngaphambi kokuba uze lapha ebandleni kulobibusuku, futhi wakhulekela ukuthi ngandlela thize uzongeniswa emgqeni womkhuleko. Uma lokho kuqinisile, uma lowo kungumkhuleko wakho, phakamisa isandla sakho. Ngingama kanjani lapha futhi ngimtshela akushilo engakasuki ekhaya na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela

ukuthi ubani igama lakho na? Nkk. Cisco. Kholwa ngayo yonke...Kunjalo. Kunjalo. Phakamisa isandla sakho. Manje hamba uye ekhaya. Ususindile. UNkulunkulu akubusise nomntwana, nomyeni wakho ehlezi lapho.

²⁹⁵ Phambi kukaNkulunkulu, angikaze ngimbone owesifazane empilweni yami phambilini. Ngabe uJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

²⁹⁶ Lapha, omncane, owesifazane obukeka eyiSpenishi ehlezi lapho. Uxhuxhume ngakho konke ngakho. Uyaqonda ukuthi ikhona into eyenzekayo. Uyakhala ngoba lokho kuKhanya kuphezu kwakhe ngqo. Angimazi. Angikaze ngimbone. Kodwa ubenento ethize enhliziyweni yakhe, abekhuleka mayelana nayo. Kumayelana nonina. Kunjalo. Unaloikhadi lomkhuleko na? Awulidingi. Awunalo. Awulidingi.

²⁹⁷ Unyoko, ugula kakhulu. Akekho lapha. UseBakersfield. Kunjalo. Ungumkamfundisi. Lowo ngumyeni wakho ohlezi ngakuwe. Unomfowabobo. Umbiza ngo "Joe." Kunjalo. Manje, uma lokho kuliqiniso, phakamisa isandla sakho. Angikaze ngibabone abantu empilweni yami. Uma lokho kuqinisile, nobabili yimani ngezinyawo zenu. Uma lokho kuqinisile, futhi ngiyisihambi phaqa kuwe, phakamisa esakho...Unaso isicelo sakho. Hamba ekhaya. UJesu Kristu uyakuzwa. Akadunyiswe uNkulunkulu!

²⁹⁸ Lowo wesifazane ehlezi ngemuva ngqo, egqoke leloblawuzi elibukeka liphinki, unaloikhadi lomkhuleko, nenekazi na? Ngiyisihambi kuwe. Angikwazi. Kunjalo na? Kodwa kunemnyama, indingilizi ebukeka imnyama, ishaya indingilizi enenekazini. Iso ukuthini na? Kwangathi iNkosi uNkulunkulu ingangitshela. Yebo, ngiyalibona liwa. Linohlobo oluthile lwelumbo. Linesithuthwane. Kunjalo. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Uyakhola ukuthi uJesu Kristu angakuphilisa na? Manje-ke yemukela ukuphiliswa kwakho. Kwangathi ungephinde ube nesinye, eGameni likaJesu Kristu.

²⁹⁹ Niyakhola ngayo yonke inhlizyo yenu na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Yibani nokukholwa kuNkulunkulu. Niyakhola na? ["Amen."] Qaphelani. Nangu futhi. Qaphelani. Kuphezu kowesifazane omncane, omncane, owesifazane obukeka ondile, ehlezi khona lapha phansi. Uphethwe yi—yi—yisimo sokuphatheka kwegazi. Uzokugeja.

³⁰⁰ Nkosi Nkulunkulu, ngisize. Ngiyacela, ngiyakhuleka, Baba, ungakuyeki kumedlule.

³⁰¹ Igama lakhe nguNkk. Marsh. Sukuma, Nkk. Marsh, futhi usindiswe, eGameni likaJesu Kristu.

³⁰² USathane ucabange ukuthi uzozedlulela nalokho, kodwa ukugejile. Angimazi owesifazane. Angikaze ngimbone empilweni yami. UNkulunkulu eZulwini uyazi.

³⁰³ Kuyini na? UNkulunkulu emhlabeni waKhe nezulu, uNkulunkulu eseZwini laKhe, uNkulunkulu eseNdodaneni yaKhe, uNkulunkulu ekubantu baKhe. “UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade.” Niyakukholwa, ngayo yonke inhliziyo yenu na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Bangaki okukholwayo na? Phakamisani izandla zenu.

³⁰⁴ Bangaki odinga uNkulunkulu empilweni yakho na? Phakamisani izandla zenu futhi nivayizelise izandla zenu.

³⁰⁵ Manje thathani lezozandla ezivayizelayo, bese nizibeka phezu komunye nomunye, futhi ngizonikhulekela ngilapha. Khulekela umuntu mumbe. Bekani izandla zenu phezu komunye nomunye futhi nizobona inkazimulo kaNkulunkulu. Anginandaba ukuthi ukhubazeke kanjani. Uma kukhona noma ubani lapha oseshihlalweni samasondo, noma ubani ohamba ngezinduku zokuhugela, noma ubani ongakwazi ukuhamba, lungelani, nizohamba. Nizophuma nihambe, uma nikukholwa. Bekani izandla phezu komunye nomunye, futhi nikhulekelane. UJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, ulapha, uNkulunkulu ekubantu baKhe. UJesu wathi, “Lezizibonakaliso ziayakubalandela abakholwayo. Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda.”

³⁰⁶ Baba waseZulwini, ngiza ukucela umusa oxolelayo nomkhuleko walababantu, ngenkathi sisazi ukuthi uBukhona baKho bulapha. Ngicela ukuthi onke amandla odeveli ephulwe, ezithamelin, nokuthi uJesu Kristu uzowengamela umhlangano ngalesisikhathi, futhi uzophilisa wonke umuntu ogulayo oseBukhoneni bobuNkulunkulu. NgeGama likaJesu Kristu ngiyakucela.

³⁰⁷ Ngiyakholwa. Anginandaba ukuthi yini engalungile kuwe, obekungalungile. Ngizomemezela ukuthi ni “philisiwe.” Uma nikukholwa, ngayo yonke inhliziyo yenu, yekani izinduku zenu zibekwe lapho zikhona. Lapho okwenu... Noma ngabe yini engalungile, sukumani nime ngezinyawo zenu futhi nifakaze kuNkulunkulu ukuthi niyakwemukela ukuphiliswa kwenu ngalesisikhathi. Yimanji ngezinyawo zenu. Futhi nikholtwe ngayo yonke inhliziyo yenu ukuthi uJesu Kristu... Nazo-ke. Yilokhoke. Lonke iqembu limile, amaphesente ayikhulu. UJesu Kristu upholise wonk’umuntu eBukhoneni bobuNkulunkulu, okholiwe.

³⁰⁸ Manje, uma ningaMazi njengoMsindisi wenu, yenyukelani lapha manje futhi niMemukele ngenkathi uBukhona baKhe buselapha. Ningenyukela lapha manje futhi niMemukele na? Phakamiselani izandla zenu kuNkulunkulu futhi ninike ukubonga nokudumisa, ngenkathi ngisacela omunye wabelusi uma ezothatha inkonzo.

Woza lapha. UNkulunkulu akubusise, mfowethu.



SIKHOMBISE UYIHLO ZUL63-0606
(Show Us The Father)

LoMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngoLwesine kusihlwa, ngoJuni 6, ngo 1963, wenzelwa umhlangano weFull Gospel Business Men's Fellowship International eRamada Inn eTucson, eArizona, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enobuzibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe nesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings

ZULU

©2016 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziiselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org